# *Futhi Kwathi ukuba Amehlo Abo Avuleke, BaMazi*

Futhi eVangelini likaLuka oNgcwele, kuqala ngesahluko 24 nevesi 13.

*Futhi, bhekake, ababili babo babehamba* ngalo *lolosuku baya emzaneni othiwa iEmawuse, kude neJerusalema* istadiyu *angamashumi ayisithupha.*

*Babekhulumisana omunye nomunye ngazo zonke lezizinto ezehlakeleyo.*

*Kwathi, ukuthi, besakhulumisana bebuzana, uJesu uqobo wasondela, wahambisana nabo.*

*Kepha amehlo abo abebambekile ukuba bangamazi.*

*Wathi kubo, Zindaba zini lezo enikhuluma ngazo omunye nomunye, nihamba, ninyukumele na?*

*Omunye wabo, nguKleyophase igama lakhe, waphendula wathi kuye, Wena uyisihambi eJerusalema, ungoyedwa ongazazi izinto ezenzekileyo khona ngalezizinsuku na?*

*Wayesethi kubo, Zinto zini na? Bathi kuye, NgoJesu waseNazaretha, obengumprofethi onamandla ngesenzo nangezwi phambi kukaNkulunkulu nabantu bonke.*

*Ukuthi abapristi abakhulu nababusi bethu bamkhaphela ukunqunyelwa uku* e. . .*ukunqunyelwa ukufa, baze bambethela esiphambanweni.*

*Thina–ke besethemba ukuthi nguye ozakuhlenga uIsrayeli: kodwa phezu kwalokhu konke sekulusuku lwesithathu lezizinto zenzekile.*

*Yebo, nabesifazane abathile bakithi basethusile, ababeyile ethuneni ekuseni;*

*Futhi kuthe bengasifumani isidumbu sakhe, bafika, bathi, babone nombono wezingelosi, zithi uyaphila.*

*Nabathile babakithi baya ethuneni, bakufumana kunjalo njengokuba beshilo abesifazane: kodwa yena uqobo abambonanga.*

*Wayesethi kubo, O nina eningaqondiyo. . .nilibele enhliziyweni ukukholwa yikho konke abakushilo abaprofethi:*

*UKristu ubengamelwe yini ukuhlupheka ngalokhu, aze angene enkazimulweni yakhe na?*

*Wayesethathela kuMose nakubaprofethi bonke, wabachasisela emibhalweni yonke okuqondene naye.*

*Base besondela emzaneni, ababeya kuwo: yena washaya sengathi udlulela phambili.*

*Kodwa bamncengisisa, bathi, Hlala nathi: ngokuba sekuzakuhlwa, nemini isiyadlula. Wayesengena wahlala nabo.*

*Kwathi, esehlezi nabo ekudleni, wathabatha isinkwa, wabonga, wasihlephula, wabanika.*

*Amehlo abo ayesevuleka, bamazi; wayesenyamalala kubo.*

*Base bethi omunye komunye,* Izinhliziyo *yethu ibingavuthi yini phakathi kwethu, lapho ekhuluma kithi endleleni, nalapho esivulela* umbhalo *na?*

2 Asikhuleke, sikhothamise amakhanda ethu manje ngomkhuleko.

3 Nkulunkulu oNgcwele kakhulu, sisondela kuWe eGameni likaJesu, iNdodana yaKho. Futhi sikholwa ukuthi siseBukhoneni baKho manje, njengokuthi ngokukholwa siza ealtare laKho elikhulu lapho iGazi laKhe liLapho, ukuba lisikhulumele esikhundleni sethu. Futhi impela singabantu abadingayo, Nkosi. Singabadinga Wena, futhi si—sicela umusa waKho. Futhi njengoba sibona iziprofetho zigcwaliseka namhlanje, ukuthi i—ibandla, ukuthi sesicebe kanjani ezintweni zezwe, futhi sicabanga ukuthi asisweli lutho, futhi Wathi sasi "hamba–ze, siphuphuthekile, singabokuhawukelwa, futhi siphuphuthekile, futhi sasingakwazi." Futhi, Baba, sicela umusa, ke, ukuthi Wena uzovula amehlo ethu ekuqondweni kweZwi laKho, ukuze siqonde ihora esiphila kulo, ukuze sikwazi ukuzilungiselela ukubonakala kwaKhe, njengoba sikholwa ngeqiniso ukuthi seliseduze. Ngakho manje besingacela ukuthi Usiphe, kulobubusuku, izifiso zenhliziyo yethu, ngokwezingcebo zaKho eNkazimulweni.

4 Uthethelela izono zethu, Nkosi. Si—sikhulekela ukuthi Awuzukubuka ukungaqondi kwethu nokungazi kwethu—kwethu, mayelana nezinto esifanele sizazi, ukuthi Uzosithethelela ngalokho. Futhi sikhumbule, siyizidalwa ezingabantu nje, Baba, sisengaphansi kwazo zonke izinhlobo zamaphutha nezinkathazo. Wena ungongenasiphelo, ongenasiphosiso, uNkulunkulu ongunaphakade. Sikhulekela ukuthi Uzoba nesihawu kithi futhi usiphe izibusiso esizicelayo, ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

Ningahlala phansi.

5 Manje, siyabonga futhi kulobubusuku ngethuba lokuba sibe lapha e. . .lelihholo, nokuba nalesisikhathi esihle ukuhlanganyela futhi ngasezintweni zikaNkulunkulu.

6 Ngiyaxolisa ukunihlalisa isikhathi eside izolo ebusuku, kuphikisane nesithembiso sami, ukuthi, nginitshele ukuthi besizophuma njalo kusihlwa phakathi kwe—kwelesishiyagalolunye nelesishiyagalolunye ligamenxe. Futhi ngi—ngi—ngikugejile izolo kusihlwa, futhi ngi—ngiyaxolisa ukuthi ngenze lokho. Manje, kulobubusuku, ngizozama ukukuhlenga lokho, nani, ngoba ngiyazi abaningi benu bayasebenza. Futhi nizofanele niyosebenza. Nina, nina bantu, nina besifazane nizofanele nithole abayeni benu beyosebenza, kanjalonjalo. Nabaningi benu bayasebenza, futhi kul'khuni.

7 Futhi ngicabanga ukuthi, namhlanje, sibe nokushumayela okuningi. Abefundisi abaningi abakahle, abefundisi abakwaziyo, abasilethele iZwi, abelusi benu na—nabavangeli, kanjalonjalo, ovela edolobheni. Kodwa, ngiyacabanga, into enkulu engizama uku—ukuzama ukuletha kini, ngu—ngubuqiniso boBukhona bukaKristu, ukuze—ukuze nikwazi ukuMbona futhi nazi ukuthi nguYe, ngesithembiso saKhe esikhonjiweyo sosuku.

8 Manje, izolo kusihlwa sizame ukunikeza izihloko ezincane, futhi kulobubusuku sinezinye izihloko ezincane, futhi mhlawumbe kusasa ebusuku.

9 Manje–ke, iNkosi ithanda, ebusuku ngoMgqibelo, ngoba anizukudingeka ukuba nivuke kusesekuseni kakhulu ngeSonto ekuseni, ngi—ngifuna ukuzama ukuletha uMlayezo nge—ngendlela ezoqondakala kakhulu ngayo kubelusi nalabo abangahle bakwazi, ukuwubeka emuva emiBhalweni.

10 Futhi manje–ke, ngeSonto ntambama, sifuna—sifuna ukuba no—nomugqa womkhuleko, futhi sikhulekele abagulayo, ngokubeka izandla phezu kwabagulayo futhi sibakhulekele ngaleyondlela. Futhi sikutholile lokho, ngempumelelo, labo abangenakufinyelela phezulu ngokukholwa futhi nje baMkholwe futhi bakwemukele. Indlela yami yokukucabanga, ukuthi, bekungakuhle uma besingavele nje sisukume bese siMamukela.

11 Lapha eNingizimu Afrika, ngenkathi nginomhlangano lapho eThekwini, lapho abanye abantu abasondele ezinkulungwaneni ezingamakhulu amabili, ngiqagele, babekade bebuthene emzileni womjaho eThekwini. Kwakukhona, siletha. . .Banabantu abahlanu kuphela emsamo. Futhi ngenkathi umuntu wesihlanu ephiliswa, emsamo, futhi kwabuzwa abomdabu phandle lapho, lapho nje ababelele. . . O, he!

12 Awu, lowo ngomunye wemizila yomjaho omkhulu kunayo yonke emhlabeni. Izinkundla zawo zinkulu kuneChurchill Downs, eLouisville. NamaNgisi onke aya lapho ngemidlalo yawo yasebusika, ejaha. Futhi sasinomzila womjaho, futhi kwakuminyene kwaze kwayothi ngci ukugcwala, futhi kuze

kuyonqamula umzila. Futhi ngangingale ngakwelinye icala, e—endlini. USidney Smith, imeya yeTheku, wayengikhiphele lapho ngalolosuku, emjahweni wamahhashi.

13 Ngase ngibona, ngomkhuleko owodwa webandla, emva kokuba labo bomdabu . . . Abanye babo babengazi ukuthi yisona siphi isandla sokudla nesokunxele. Futhi ngababona, emva kokuba sebebone . . .

14 Futhi ngachaza. Nganginababumushi abayishumi nanhlanu abehlukene. Uma usho umusho owodwa, uzofanele ulinde uze ushiwo ngamadoda ayishumi nanhlanu. Manje, niyazi ukuthi lokho kwakunzima kanjani, ezizwaneni. Bese kuthi–ke emva kokuba lokho sekuphelile, futhi ngichaza kubo ngendlela encane yokuthi uJesu wayeyini. Ngathi, "Abanye benu lapha bafake isilengiso njengamaKristu, nisalokhu niphethe isithixo esandleni senu, nokho."

15 Futhi ngabuza oyedwa. Ngathi kuMnu. Smith, ngathi, "Lowaya womdabu usiphatheleni lesosithixo na? Futhi njengoba ushilo, 'Leso kwakuyisilengiso samaKristu.'"

16 Wathi, "Yiso." Wathi, "UngumZulu." Wathi, "Ngiyakwazi ukukhuluma ulimi lwakubo. Ngimbuze nje." Futhi ngakho nje wakwenza ukuba kuzuze mina. Ngakho ngi . . . Sama eduze kwakhe. Futhi ngambiza ngo, "Thomas." Wathi, "Shono noma yini nje, ngoba wayengumngabazi."

17 Ngathi, "Thomas, ungumKristu na?" Futhi, yebo, wa—wayekholelwa kuBo. Ngathi, "Awu, usiphatheleni lesosithixo ngesandla sakho na?"

18 "Awu, kwa—kwakunguNkulunkulu, futhi. Noyise wayephatha lesisithixo, futhi ngenkathi ibhubesi limjaha. Futhi wayesifafaze ngegazi. Futhi—futhi wakha umlilo omncane, ukuba asho umkhuleko inyanga mthakathi eyayimtshele wona, futhi wesabisa ibhubesi labaleka."

19 "Awu," ngathi, "Ngingu—ngu . . . " Igama *jagter, jagter* lichaza "umzingeli." *Leeu, leeu jagter,* lokho ngukuthi, "ukuzingela amabhubesi." Ngathi, "Ngingu—ngumzingeli wamabhubesi. Futhi kwakungesiwo umkhuleko owesabisa ibhubesi labaleka. Kodwa, umlilo, i—ibhubesi liyawesaba umlilo."

20 Wathi, "Awu, wayekholelwa eMoyeni." *UMoya* kuchaza "amandla angabonwayo," njengoNkulunkulu, noma njengomoya ovunguzayo. Niyabo? UMoya, into onga . . . "Wayekholelwa eMoyeni. Kodwa uma uMoya wehlulekile, *lokhu* kwakungeke." Niyabo? Manje, lokho kwakungamandla okuqina kobuKristu, kubo.

21 Ngabatshela. Ngathi, "Manje, niyabo, noma ngabe yini enayitshelwa yisithunywa senkolo ngoKristu iqinisile. Niyabo? Kodwa," ngathi, "kune . . . Niyabo, asizange sinitshele nonke.

Sazama ukunitshela, ukuthi, 'Amandla aKhe amakhulu ayenqamukile ngenkathi Efa emuva lapho esiphambanweni, futhi asisenakho lokho.' Siyaphaphalaza lapho. Uyaphila, futhi uphakathi kwethu ngqo, niyabo, uyafana nje njengoba Wayelokhu enjalo."

22 Futhi ngenkathi bebone lokho kufakazelwa, njengoba nenzile nje izolo kusihlwa, babalela ezinkulungwaneni ezingamashumi amabili-nanhlanu abasindiswa ngesikhathi esisodwa. Cabangani ngalokho.

23 Futhi ngosuku olulandelayo, uMnu. Smith wangibiza, wayesethi, "Mfowethu Branham, awuye ewindini lakho, buka phandle ngasoLwandlekazini lwaseNdiya, ikamelo lakho—lakho lasehhotela." Futhi nakho kuza amaveni amakhulukazi amaNgisi. O, he! Asinayo itrakhi eyayingathwala okukodwa kokuthathu kwalokho ayengakuthwala, nje enqwabelwe egcwele izinduku zokuqhugela nabathwali, ababethwale abathandekayo babo basemenweni, benqwabelene phakathi lapho. Babekuyo, ngayizolo. Futhi nampa, behamba emva kwalamatrakhi, izinkulungwane zabo, nezandla zabo ziphakeme, becula, "Konke kungenzeka. Kholwa kuphela."

24 Manje, uma umhedeni, umuntu ongazi ukuthi yisiphi isandla sokudla noma sokunxele, u—umuntu okulesosimo, engabona nje lokho kwenzeka ngesikhathi esisodwa, noma ngesikhathi esisodwa kufundwa umBhalo futhi kuchazwa kuye; besifanele senzenjani thina, esizisho ukuthi singabantu abagcwaliswe ngoMoya, besifanele senzenjani na? Niyabo?

25 Kodwa, into yakho ingukuthi, sifunzwe kakhulu ngezimfundiso sekuze kuthi wonke umuntu anikeze umbono wakhe uqobo. Futhi, awu, ngumehluko nje kubantu ohlangana nabo. Niyazi, kune. . . Nomhedeni akusho khona nhlobo ukuthi ufanele ube ngongafundile. Kunabahedeni abafundisiwe, niyazi, futhi babi kunabo bonke. Lokho, kunjalo. Uma uhamba uyokudonsa. . . Ngizonitshela. Ekuhambeni umhlaba, ngike ngaba kaningana emhlabeni jikelele, kodwa niyazi lapho bedinga khona izithunywa zenkolo kabi kakhulu kunasekuqaleni na? IU.S.A. Khona lapha. Nansi insimu yesithunywa senkolo. Kunjalo. Ake kuthi abanye balabobantu beze neno, abasazi isandla sokudla nesokunxele, futhi bafundise lababantu ukuthi uNkulunkulu uyini. Ya. Banezininingi kakhulu izihlakaniphi, sebeze balahlakelwa yikho konke ukubona kwento yonke. Ya. Nje, bazama ukuLichaza, futhi bazama uku—ukuLisebenza, noma bazama ukuLifanisa.

26 Owomdabu akazami ukufanekisa lutho. Uvele kalula nje akholwe. Futhi yilokho enifanele nikwenze, ukuba nilungelane noNkulunkulu, ngukukholwa nje. Ungeke wamfanisa uNkulunkulu.

27 Ukuba–ke uMose. . .ngenkathi ebone lesosihlahla singaqothuki na? Manje, uMose wayengusokhemese. NoMose wafundiswa kukho konke ukuhlakanipha kwabaseGibhithe. Kodwa ngenkathi ebona lesosihlahla, sasixakile. Ngani, akazange athi, "Manje, ngikholwa ukuthi ngizoya ngale. Uma umlilo usucimile, ngizothatha amaqabunga kulesosihlahla bese ngilehlisa, indlu yokusebenzela isayense, ngithole ukuthi sifuthwe ngani, uyabo, ngibone ukuthi asishi ngani lesosihlahla futhi—futhi singashanga saphela." Lokho kwakuyoba ngukusondela kwesayense.

28 Kodwa wenzani na? Wakhumula izicathulo zakhe wayesehlala phansi wayesekhuluma kuYo. UNkulunkulu waphendulana naye. Niyabo? Uma uzithoba, zithobe.

29 Ukuba–ke uMarta wayethe. . .ngenkathi ezwa ukuthi uJesu. . .Emva kokuba ethumele, ukuba eze azokhulekela uLazaru, kwase kuyizinsuku ezine efile. Ukuba–ke wayegijimele phandle, wathi, "Bengicabanga ukuthi kukhona ebesikukholwa"? Wayenelungelo lokuMthethisa, niyazi, ngoba Wayehlulekile ukuza ngenkathi bembiza.

30 Kodwa, niyabo, wayenelungelo lokusondela. Waya kuYe, wathi, "Nkosi, uma Ubukhona, nga umnewethu engafanga. Futhi nakalokhu, noma yini oyicela uNkulunkulu, uNkulunkulu uzakuKupha khona." O! Ini? Yilokho–ke. Yilowo umqondo. Niyabo? Wayenokusondela okufanele.

31 Bukani lokho kukholwa, ngenkathi kushaya kuJesu. Wathi, "Umnewenu uzakuvuka futhi."

32 Wathi, "Yebo, Nkosi. Ngosuku lokugcina, ekuvukeni okukhulu, uyovuka. Wayengumfana olungileyo."

33 Wathi, "Ngingukuvuka nokuphila. Okholwa yiMi, noma Efile, wophila. Ophila akholwe yiMi akasoze afa. Uyakukholwa lokhu na?"

34 Wathi, "Ya, Nkosi. Ngiyakholwa ukuthi UyilowoMesiya wena, iNdodana kaNkulunkulu ebizakuza ezweni." O, he!

"Nimmbelephi na?"

35 Ngangikhuluma kowesifazane, kungekudala. Ngike ngakusho lokhu, lokhu ukuma, futhi. Ngabantu abazisho ukuthi bayakholelwa ekuphiliseni ngokukaNkulunkulu; ngukukholwa kokomzimba nokwengqondo, ukholwe "umqondo phezu kwendaba." Futhi abakholwa ukuthi uJesu wayengonobuNkulunkulu. Futhi basho, ukuthi, "Wayengumuntu olungileyo, kodwa Wayenguthisha nesazi sokusebenza kwengqondo, kodwa Wayengeke aba ngonobuNkulunkulu."

36 Ngathi, "Uma Wayengesuye onobuNkulunkulu, Wayengumdukisi omkhulu kunabo bonke izwe elake laba naye.

Yebo, mnumzane. Ungeke wenza lutho ngakho kodwa ngokuba ngonobuNkulunkulu."

37 Wathi, "Uma ngifakazisa kuwe, ngeBhayibheli lakho uqobo, Wayengesuye onobuNkulunkulu, uzokwemukela na?"

Ngathi, "Ungeke wakufakazisa ngeBhayibheli engilifundayo."

Wathi, "Awu, ngizokukhombisa."

Ngathi, "Kulungile."

38 Wathi, "KuJohane oNgcwele, isahluko 11," kwathi, "iBhayibheli lathi, ngenkathi uJesu eya ethuneni likaLazaru, 'Wakhala izinyembezi.'"

Ngathi, "Impela."

Wathi, "Awu, Wayengakhala kanjani izinyembezi, engonobuNkulunkulu na?"

39 Ngathi, "Awu, uyehluleka nje ukubona ukuthi Wayeyini. Ngenkathi Eya ethuneni, ekhala izinyembezi, WayenguMuntu. Kodwa ngenkathi Edonsa amahlombe aKhe amancane ndawonye, wathi, 'Lazaru, phuma,' nomuntu okwase kunezinsuku ezine efile, uyaphuma ethuneni, lowo wayengaphezu komuntu. Lowo kwakunguNkulunkulu kuMuntu." Niyabo? Kunjalo.

40 WayenguMuntu ngenkathi Ehla entabeni, wayelambile futhi ecinga ukudla emthini. Waqalekisa umuthi ngoba wawungenakudla. WayenguMuntu ngenkathi Elambile. Kodwa ngenkathi Ethatha amabheskidi amahlanu nezinhlanzi ezimbili, futhi wapha izinkulungwane ezinhlanu, wabutha iziqabetho ezigcwele eziyisikhombisa, lowo wayengaphezu koMuntu. Lowo kwakunguNkulunkulu kuMuntu.

NoNkulunkulu kuphela uzimele Yena uqobo kumuntu. Ukhetha umuntu.

41 Ngenkathi Ecambalele phandle lapho kulesosikebhe ngalobo busuku. Lapho, amandla aphuma kuYe, usuku lonke, eshumayela, nabantu beMdonsa, ebona okufihlakele, kanjalonjalo. Nesiphepho phezu kolwandle. Ngiqagele odeveli abayizinkulungwane eziyishumi bafunga ukuthi babezoMminzisa, ngalobo busuku, ngenkathi Wayelele emuva lapho, elele kwingemuva lesikebhe; bona bentanta njengesivimbo sebhodlela phandle lapho olwandle olunamandla ndawo ndawo. WayenguMuntu ngenkathi Ekhathele, ecambalele lapho, elele. Kunjalo. Kodwa ngenkathi ephaphamiswa kanye, wabeka unyawo lwaKhe phezu kwentambo ebambile yesikebhe, wabheka phezulu, wathi, "Thula, uthi du," lowo wayengaphezu koMuntu. Ya. Lowo kwakunguNkulunkulu kuMuntu.

42 WayenguMuntu ngenkathi Efa esiphambanweni, ekhalela isihawu. WayenguMuntu. Kodwa ngenkathi Ephula izimpawu zokufa, isihogo nethuna, futhi wavuka ngosuku lwesithathu, Wafakazisa ukuthi Wayengaphezu koMuntu. KwakunguNkulunkulu kuMuntu. Akumangalisi, wonke umuntu owake waqonga waze wafika kunoma yini wakukholwa lokho. Zonke izimbongi nayo yonke into eyake yaqonga yaze yafika kunoma yini, bakukholwa lokho. Kunjalo. Wayengaphezu koMuntu. WayenguNkulunkulu.

43 Manje, uNkulunkulu, eNdodaneni yaKhe uQobo, wakha umzimba Ayehlala kuwo, watabernakela kuwo, waguqula umucu waKhe. Cabangani nje. UJehova elele emkhombeni, phezu kwenqwaba yomquba esibuyeni, ekhala njengengane encane. Lezozandla ezincane zengane, uJehova omncane eza ehla futhi ezimboze ngeveli qobo lwaKhe ku—kulesosimo. Bukani uJehova ephandle edlala, njengomfana oyibhungu. Bukani uJehova akha esitolo sombazi. UJehova elenga esiphambanweni. Manje–ke, ngenkathi Evuka, Wafakazisa ukuthi WayenguJehova. Kunjalo. "UNkulunkulu, ekuKristu, wenza ukuba izwe libuyisane naYe." Wayengaphezu kwesazi sokusebenza kwengqondo. Wayengaphezu komprofethi. WayenguEmanuweli.

44 Manje, kulobubusuku, sizosondela kulolu, udaba lapha. Awu, sifunde imiBhalo nje. Futhi sizothatha lokhu okwendikimba: *Futhi Kwathi ukuba Amehlo Abo Avuleke, BaMazi*.

45 Manje, inkundla yethu isuka iqale ngesikhathi esihle, noma ukuhleleka, kwakuthi akube yilesisikhathi sonyaka. Kwakunge—ngePhasika. Futhi kwakungelokuqala, iPhasika elihle. NoJesu wayesebuya kwabafileyo, entwasahlobo, yePhasika, ephila phakathi kwabantu futhi. Nabaningi, ababeMthanda, babengakwazi.

46 Nalokho kuyafana njengoba kunjalo namhlanje. Kunabantu abaningi abaMthandayo, abangenakukholwa ngempela ukuthi Unathi manje. Bona, ababonakali nje bekuqondisisa lokho.

47 Bona, yebo, abaningi babo ngalolosuku, ababehambe futhi bakhuluma naYe, abakuqondisisanga ukuthi Wayesebuya kwabafileyo, ababenofakazi ngakho, babekade besethuneni, kanjalonjalo, futhi babazi ukuthi Wayevukile evela kwabafileyo, kodwa noma kunjalo nje abakwazanga ukukukholwa. Ngani na? Ngiyamangala ukuthi kungani. Niyabo, lokho akwejwayelekile impela. Niyabo? Kune . . . Akwejwayelekile kakhulu.

48 Futhi ngokwejwayelekile kusezintweni ezingejwayelekile uNkulunkulu akuzo. Yizinto ezingejwayelekile eziMenza uNkulunkulu. Niyabo? Yilokho okuMenza abe yilokho Ayikho, yizinto Azenza ngokungejwayelekile kakhulu.

49 Manje, kwakungokungejwayelekile ngenkathi uJosefa, ngaphambi kokuzala, ngenkathi ethola uMariya; isithandwa sakhe esincane esithandekayo ayethembisene naso, ukuba bashade. Wamthola, wayezoba ngumama, engashadile. Ngakho yena, akungabazeki, wayemtshelile ngokuvakasha kuka—kaGabriyeli, iNgelosi. NoJosefa wayeyindoda enobulungiswa. Wayeyindoda elungile. Futhi waye—wayeyiyo. Wayefuna ukumkholwa. Sengathi ngiyabona ukuthi wayemthanda ngayo yonke inhliziyo yakhe, ebona leyoncekukazi esencane engumHeberu, futhi—futhi wabuka kulawomehlo akhe, futhi—futhi ngenkathi ethi, "Josefa, s'thandwa. INgelosi enkulu, uGabriyeli, iyangivakashela, futhi Yathi ngizo 'sibekelwa nguMoya oNgcwele.' NeNto eNgcwele ezozalwa kimi, iyobe ivela kimi, izobizwa nge 'Ndodana kaNkulunkulu.'"

50 Manje, wayefuna ukukukholwa lokho. Kodwa kwakungakaze kubekhona noma yini eyenzeka kanjalo, ngakho kwakungejwayelekile kakhulu. Futhi, bukani, leyo kwakuyindoda enobulungiswa, indoda elungile, nomBhalo usho ukuthi kwakuzoba ngukuthi, "intombi iyokhulelwa," futhi akaqondanga. Niyabo? UmBhalo owathi uKristu uyozalwa ngaleyondlela, noma kunjalo, uJosefa akakuqondanga, ngoba kwakungokungejwayelekile kakhulu.

51 Manje ngalezozinsuku, babengenabaprofethi. Indoda yayi . . . Babekade bengenabo abaprofethi amakhulu eminyaka, futhi ngakho uNkulunkulu wasebenzana naye ngephupho. Iphupho liyindlela yesibili. Indlela eyiyonayona njalo iya eZwini, kuqala. Manje, uNkulunkulu unendlela yokufakazisa ukuthi ngabe iZwi lakhe liqinisile yini, noma qha. Noma lapho okwakukhona noma yini . . .

52 Etestamenteni eLidala, uAroni wayenamatshe ayishumi nambili, amatshe okuzalwa, esivikelweni sakhe sesifuba lapha. Futhi babesilengisa esigxotsheni ethempelini. Uma umprofethi eprofethile, noma umphuphi esho iphupho, bamthathe bamehlisela kulokhu, okubizwa ngokuthi, njengoba abefundisi bezokwazi, iUrimi Thumimi. Futhi ngakho, lokhu, uma lomphuphi esho iphupho lakhe, noma umprofethi washo isiprofetho sakhe, nezinkanyiso ezingaphezu kwemvelo azangabaneka phezu kwalokho, ukwenza iUrim Thumimi, ngaleyonkathi, angikhathali ukuthi kuzwakala kuyikho ngempela kanjani, kwakuyiphutha. IUrimi Thumimi yayifanele ikufakaze ukuthi kwakuqinisile. Awu, lokho, manje, ubupristi bukaAroni, baqedwa, neUrimi Thumimi endala.

53 Kodwa uNkulunkulu usenayo iUrimi Thumimi, nalelo yiZwi. Uma—uma umprofethi eprofetha, noma umphuphi ephupha iphupho, futhi liphambene naleloZwi, angikhathali ukuthi lizwakala liqinisile ngempela kanjani, likhohlwe. Leyo yiUrimi Thumimi kaNkulunkulu. Yileyo–ke. NaLeyo izobuyisa

impendulo, ukuthi kuyiqiniso. Lokho ngukuthi, uNkulunkulu wahumusha iZwi laKhe uQobo.

54 Ngakho, uNkulunkulu wayengenabaprofethi ezweni, ngalolosuku, ngakho uNkulunkulu wakhuluma kuJosefa ngendlela engeyesibili. Ekhombisa, ukuthi, uma kungekho–nto ekhona efanele ikuveze, uNkulunkulu angasebenza nganoma yini, noma yini Ayethembisile. Niyabo? Wayengasebenzisa iphupho. Uma kwakungekho–mprofethi, manje–ke Wayengasebenzisa iphupho.

55 Ngakho akunandaba ukuthi iziphiwo zethu ezincane ziyini, uNkulunkulu angakhuluma kithi nangayiphi indlela Afuna ngayo, kodwa izofanele ibe kanye neZwi. Niyabo? Izofanele ihambisane neZwi.

56 Manje, sithola ukuthi iphupho lakhe lalihambisana neZwi, ngoba uIsaya wathi, "Intombi iyokhulelwa," futhi kwabanjalo. Iphupho lakhe lalihambisana neZwi, nalona kwakunguye owayekade ekhulelwe. Bese kuthi–ke ngenkathi u—uMoya weNkosi, iNgelosi yeNkosi, ibonakala kuye, kuleliphupho, yayisithi, "Josefa, ndodana kaDavide, ungesabi ukumthatha uMariya umkakho, ngokuba lokho akukhulelwe kungokukaMoya oNgcwele." Awu, lokho kwakuxazulula–ke.

57 Wayeyindoda enobulungiswa. Wayefuna ukukukholwa. Wayefuna ukukukholwa, kodwa kwakungejwayelekile kakhulu kuye.

58 Futhi uma umuntu efuna ukukholwa noma yini, ne—neQiniso liphambi kwakhe, uNkulunkulu uyokwenza indlela ethize ukuqinisekisa lokho, ukufakazisa ukuthi kuyiQiniso. UNkulunkulu ubophezelekile ukukwenza, ngoba yilokho amsindisela khona, yilabo abamiselwe ukuPhila.

59 Manje, sithola ukuthi leyonto engejwayelekile ya—yayiyinto a—ababengeke bayithole. Nalokhu ukuvuka kwakungejwayelekile.

60 Bona, futhi, nokho, ukuba babekuqaphelile, kwakuyiZwi laKhe elithenjisiwe. Wayebatshelile, wathi, "INdodana yomuntu yenyukela eJerusalema, futhi Izohlushwa ngezinto eziningi ngabeZizwe, inikelwe ezandleni zabo futhi ibethelwe, imbelwe; futhi izovuka, usuku lwesithathu." Niyabo? Wathi, futhi, "NjengoJona walala esiswini somkhomo, izinsuku ezintathu nobusuku, kanjalo iNdodana yomuntu imelwe ukuba senhliziyweni yomhlaba, izinsuku ezintathu nobusuku." UDavide, omunye wabaprofethi babo, waprofetha, wathi, "Angiyikushiya umphefumulo waYo ehayidese, aNgiyikuvuma ONgcwele waMi abone ukubola." Niyabo? Nabo bonke abaprofethi bakhuluma ngaYe.

61 Futhi kwakubukeka sengathi lababafundi, nokho, babebukeka sengathi babenakho, babezokuvuma, futhi babefanele bakwazi lokhu. Kodwa, niyabo, kwagodlwa

kubo. NeZwi elithenjiswe kubo, futhi nokho abaLivumanga. Niyabo? Lagcwaliseka, khona impela Ayethe kuyokwenzeka, elathi iTestamente eLidala kuyokwenzeka. Kwagcwaliseka ngokuphelele, futhi nokho abakuqondanga.

62 Qhaphelani, njengoba bahamba manje, ababili babo, uKleyopase nomngani wakhe wayesendleni yabo beya e Emawuse. Futhi kwakuyiSonto ekuseni. Ngakho babesendleleni yabo laphaya, bexoxa. Babehambisana ngomgwaqo, bedabuke ngempela. He, babenzelwe phansi ngempela yinto ethize, kwakubukeka njengeveli.

63 NoNkulunkulu uvumela izinto zenzeke kanjalo. Wenza lokho, ngenhloso, nje uku—nje ukukuhlola. Manje ake ngifinyelelise lokhu phambi kwenu, ngqo, ukuze nizoqonda ukuthi yonke indodana eza kuNkulunkulu izofanele ibe ngumntwana oqeqeshiwe. Uzofanele ahlolwe; yonke indodana. Uma ungakaze uhlolwe, awusiyo indodana. Uma ungenakukumela ukulaywa nguNkulunkulu, khona–ke ungowesihlahla, futhi awusuye umntwana kaNkulunkulu. Uzisho ukuthi uNkulunkulu unguBaba wakho, uthi, "O, ngeke ngakholwa." Awu, lokho nje kukhombisa ukuthi uNkulunkulu akasuye uYihlo; uyabo, ubu—ubungaLithola. Manje qaphelani, lokhu ukuhlolwa, uNkulunkulu uhlola bonke ababantwana baKhe. Wonke lowo oza kuYe umelwe kuqala ahlolwe, avivinywe, afakazelwe.

64 Mbukeni ngenkathi Eselapha emhlabeni. Ngoluny'usuku Waqalaza, izixuku ezinkulu zabantu zazinaYe. O, ngenkathi Eqala ukuphuma, Wayethandwa kahle ngempela. Onke amabandla avula iminyango yawo. "LoRabi osemncane, ngani, akukho kungabaza kodwa wayengumProfethi omkhulu ovukileyo phakathi kwethu. Uphilisa abagulayo bethu. Ngani, Ungena kulezizinkonzo zokuphilisa. Wenza izinto ezinkulu." Lokho kwakukuhle. Kodwa ngoluny'usuku babebaningi kakhulu ababeMlandela. Niyabo? Leso kwakuyisibonakaliso ukuheha ukunaka kwabantu.

65 Manje, iPhimbo lizofanele lilandele lesosibonakaliso. Leyo kwakuyiMfundiso yaKhe. Qaphelani. Kodwa ngenkathi iPhimbo lifika, o, lokho kwakwehlukile. He! Bona, baMbethela ngoba WayeZenza olingana noNkulunkulu. Ngenkathi Ephilisa abagulayo, futhi enza izimangaliso, futhi ehlulela imicabango enhliziyweni yabo, lokho kwakumangalisa. Kodwa ngenkathi Ethi, "Mina noBaba simunye," o, he, Lokho kwakukukhulu kakhulu kubo. Babengenakukuthatha Lokho. Niyabo? Ba . . . Lokho kwakukukhulu kakhulu.

66 "UZenza uNkulunkulu, ngakho U—Uzama ukulingana noNkulunkulu."

67 Awu, Wayenguye. WayeyiNdodana kaNkulunkulu. Futhi Wathi, "Nibabiza kanjalo, eleza kubo iZwi, umthetho

wakini usho lokho, ukuthi, 'IZwi leza kubaprofethi,' futhi nibabiza 'ngonkulunkulu.' Manje–ke, uma ningabiza umprofethi, 'ngonkulunkulu,' ningaNgilahla kanjani uma Ngithi NgiyiNdodana kaNkulunkulu na? Hlolani imiBhalo; YiYo onitshela eNgifanele ngikwenze. Uma Ngingenzi njengalokho iZwi elithi Ngizokwenza, khona–ke ningaNgikholwa. Kodwa uma Ngenza imisebenzi kaBaba waMi, oyiZwi, khona–ke—khona–ke kholwani yimisebenzi eNgiyenzayo." Noma kunjalo babengenakukwenza.

68 Ngakho, uJesu wathi, ngoluny'usuku. Manje bhekisisani. Akazichazi izinto. Uvele ayisho nje. Qaphelani. Wathi, "Uma ningadli inyama yeNdodana yomuntu, futhi niphuze iGazi laYo, aninakuPhila kini."

69 Ungathini nje ukuba–ke esihlakaniphile isigejane sabantu, isigejane sodokotela simi phandle lapho, norabi, abantu abaqeqeshwe kahle nabafundiswe ngokuphakeme, bacabangani, ngenkathi Esho lokho na? O, sengathi ngiyambona udokotela ebuka ngale, uthi, "Whewu!" A—abefundisi bayasukuma, bathi, "Hhe-e. Hhe-e. Niyabo, Lokho, lokho kukukhiphile, khona lapho."

70 Manje, Akazange akuchaze Lokho. Akazange aKuchaze. Wayengadingekile ukuba akwenze. Wayengadingekile ukuba aKuchaze.

71 "Ngani," bathi, "awu, ngani, Uzosenza...Usifuna sibe yizidla magazi abantu, siphuze igazi lomuntu, futhi sidle inyama yomuntu."

72 Akazange asho ukuthi kuyokwenziwa kanjani. Wavele wathi nje, "Uma ningakwenzi!" Niyabo?

73 Kwase kuthi–ke lesosixuku esingaphandle, izinkulungwane, sathi, "Hhe-e. Nango–ke. Niyabo? Ya. Bengazi ukuthi bekuzophuma, emva kwesikhashana." Niyabo, babekubheke ukuba kuphume, futhi Wabona ukuthi kwaphuma. Babengomancela igazi labanye, endaweni yokuqala, ngakho ababange besahamba naYe.

74 Ngakho, Waqalaza. Wayenamashumi ayisikhombisa ayenaYe. Ngakho, Wathi kulawomashumi ayisikhombisa, wathi, "Niyothini nxa nibona iNdodana yomuntu yenyukela eZulwini lapho Eyavela khona na?" Manje, Akazange akuchaze.

75 Babukana, bathi, "Awu, iNdodana yomuntu yenyukela lapho Evela khona na? Awu, siyamazi umama waKhe. Siyabazi abafowaBo, odadewaBo. Siwubonile umkhombe Ayelaliswe kuwo ngenkathi Ezalwa. Siwubonile umbhejana Ayethunduzelwa kuwo. Ngani, Uvela eNazaretha. Evela phezulu Lapho na? Lilukhuni leLizwi." Futhi ababange besahamba naYe. Niyabo?

76 Manje, ngaso sonke isikhathi, lababafundi bama khona lapho. BabengaLazi, nabo, kodwa baLikholwa. BabengenakuLichaza. Akazange aLichaze. Kodwa, niyabo, babemiselwe ukuPhila. BabengenakuLichaza, kodwa bahlala lapho. Ngakho Waphenduka wayesethi, “Ngikhethe abayishumi nambili benu; omunye ungudeveli.” Wathi, “Niyafuna ukuhamba, nani na?”

77 Futhi yilapho uPetru enza khona lawomazwi ayisikhumbuzo, “Nkosi, siqinisekile ukuthi Wena uneZwi lokuPhila, wedwa. Singayaphi na?” Kwakuyilokho–ke, niyabo. Niyabo?

78 AkaLichazanga. Washo lokho ukuze benqabe. Niyabo? Ukukholwa akubuzi, akuzindli. Kuhlola umBhalo ngakho. Ukuba babehlole umBhalo, lapho kwakuyofakaziswa ukuthi WayenguBani. Kodwa Wabathintitha kanjalo, ngokusho izinto futhi angaLichazi neze.

79 Futhi emagcekeni lapho, ngisho, ngenkathi bemboza ngalendwangu ebusweni baKhe, nabanye beMshaya futhi beMmukula. Bathi, “Uma—uma Wena ungumprofethi, sitshele ukuthi ubani oKushayile manje, futhi—futhi sizo—sizoKukholwa.” Into efanayo, uDeveli omdala ofanayo o—owayephezulu lapho, kusukela kudala, ngenkathi Elingwa, ngenkathi kuqala Eqala ukungena enkonzweni yaKhe. Wathi, “Uma UyiNdodana kaNkulunkulu, yisho ukuba lawamatshe aphenduke abe yizinkwa.” Ofanayo. Nalabo bapristi norabi phezulu lapho, bathi, “Uma UnguKristu, yehla esiPhambanweni bese ufakazisa kithi.” Niyabo? Wayengakwenza. Wayemazi owayeMshayile, kodwa Akahlekisi–muntu.

80 WayeyiZwi, futhi Usalokhu eyiZwi. Njalo wayeyiZwi, futhi Uhlala eyiZwi. Futhi bukani emuva, kufanele ngabe bakubona Lokho, kodwa abazange.

81 Babe, qaphelani, semgwaqeni ngale. Babeyini na? (Labo abahlezi lapha, ngifuna ninake ngokusondele.) Babekhuluma ngaYe ngenkathi Ebonakala kubo.

82 Manje, yileyondlela Afika ngayo, kungenkathi ukhuluma ngaYe. Inkathazo, namhlanje, sikhuluma ngezinye izinto eziningi kakhulu ngaphandle kwaKhe. Njalo sikhuluma ngalokho esizokwenza, nenye intengo yebhizinisi, noma iwashingi ezodingeka yenziwe, noma loluhlobo lwesihlambululi ofanele usisebenzise. Kanti, benifanele ukuba ngabe niMnika udumo nenkazimulo. “Yilapho amagugu ethu likhona, yilapho nenhliziyo yethu ikhona.”

83 Babefanele baMqonde, kodwa abazange. Futhi kunjalo nanamhlanje. Nokho, umBhalo washo. Niyabo?

84 We—Wembula kubo izithembiso zomBhalo mayelana naYe uqobo zalowonyaka. Khumbulani, Uqala ngokuqala. Wathi, “O nina eningaqondiyo nenilibele enhliziyweni.” Wachaza

kubo imiBhalo. Futhi emva kokuba imiBhalo isishunyayeliwe kubo, nokho abaMqondanga. Uma lelo kungesilo i—ibandla lesimodeni, angazi. Yona, imiBhalo, yachaza kubo, futhi noma kunjalo abakutholanga. Babehambisana ngqo, bezisho ukuthi bangabafundi baKhe. Noma kunjalo, abazange baMqonde, emva kokuba Wayesebatshelile umBhalo walowonyaka, uNkulunkulu ayewabele.

85 Wathi, "Anazi yini ukuthi uKristu ubemelwe ahlupheke ngalezizinto, futhi wangena enkazimulweni yaKhe futhi abuye avuke na? U . . . " Babefanele bakuqaphele. Wathi, "Anikwazi yini bonke abaprofethi abakusho ngoKristu na?" Futhi Uqala emuva lapho, futhi wayichaza yonke into phansi kubo, futhi wayendlala kubo. Futhi noma kunjalo abazange bakuqonde, emva kokwendlala umBhalo ngokuphelele ngakho konke nje Owawungaba yikho. Futhi bona behamba beWuzungeza, befanele ukuba ngabafundi baKhe, "A, o, ngabe Lokho kunjalo na? Ngabe Lokho kunjalo na?" Futhi, nokho, WayeyilowomBhalo ugcwalisekile, emi lapho, futhi noma kunjalo abawutholanga. Niyabo?

86 Manje leso nje yisithombe esihle kakhulu sosuku esiphila kulo. Angisho ngalobobubi. Ngikusho lokho ngeQiniso. Kunjalo impela.

87 Babesalokhu bengaMvumi, nakuba izithembiso zaKhe Ayezenzile sasigcwalisekile. Futhi Wayememezela kubo, futhi emi khona lapho eMntwini, futhi noma kunjalo abaKuvumanga neze.

88 Qaphelani ukubasola ngokungawuvumi umBhalo ugcwaliseka.

89 Manje, ngenkathi, babefanele bazi. Babengabafundi. Babengamadoda ayenze umhlatshelo omkhulu. Babengamadoda ayeMthanda. Babengamadoda ayeqeqeshwe nguYe. Futhi, nokho, emva kokuba Yena ebatshela lezizinto, wama esixukwini sabo futhi ethi lento iyokwenzeka, futhi nansi yenzeka, futhi, noma kunjalo, bona bemi naYe ngqo emva kokuVuka kwaKhe, futhi abaMvumanga.

90 Wena uthi, "Besingayenza into enjengaleyo na?" Bekungenzeka ukuthi besingakwenza lokho. Kunjalo. Bekungenzeka ngempela. Emva kokuba Ethembisa eZwini laKhe, into Ayezoyenza, futhi siyayibona yenzeka njengoba nje Asho, futhi sisalokhu sihamba phezu kwayo. Yilokho ababekwenzile.

91 Manje, Ujika uza ngqo, wabatshela ukuthi Wayezobethelwa, avuke ngosuku lwesithathu, uyaqala–ke ukubatshela bonke ngakho.

92 Futhi babedabukile, bathi, "Uyazi, abanye babafo behlela ethuneni, nabanye babesifazane. Bathi Wayezovuka kwabafileyo. Nakho konke okwalamahlebezi sekuqubuke yonke

indawo. Base bethi, "Uyisihambi yini nje ngapha na? Awuzazi lezizinto na?"

93 Wathi, "Zinto zini na?" sengathi nje Wayengazi lutho ngakho. Niyabo, Washo lokho, ukuba nje abaphose le. Futhi Wakwenza lokho, ngenhloso, ukuvivinya nje.

94 Futhi anazi yini ukuthi Akayiguquli imvelo yaKhe na? Wenza into efanayo, uku—ukunivivinya nje, abone ukuthi nizokwenzani. Uyosebenza ajikeleze ngenye indlela, Kuyophoswa phambi kwenu, nokubona nje ukuthi ni—nithini ngaKho, isimilo sesimo senu, indlela enithatha ngayo, enikucabanga ngaKho. Uyakwenza lokho, ngenhloso, usakwenza namanje, ngoba leyo yimvelo yaKhe engaguqukiyo. Wakwenza ezikhathini zakudala.

95 Khumbulani uElija. Waze waba ngisho nebutho elimshayayo. Wathi, "Ngangingumgadi, ngime ngomumo, kuAhabi, ngase ngidedela isiboshwa seqa." Akakwenzanga lokho, kodwa wakwenza kanjalo ukuze adedele uAhabi akhiphe isigwebo sakhe uqobo.

96 Wenze into efanayo emihleni kaNowa, futhi A—Angeyiguqule indlela yaKhe. NoNkulunkulu wehla ngendlela. Kodwa njalo . . .

97 Wena uthi, "Awu, bengingazi kanjani ukuthi yikuphi obekuyikho nobekungesikho na?" NgumBhalo othenjisiwe walelohora. NgumBhalo othenjisiwe.

98 Ukuba babephumile esikweni labo, futhi badeda kulelosiko ababekulo, futhi bafunda imiBhalo, njengoba Abatshela ukuba benze! "Hlolani imiBhalo, ngokuba kuYo nithi ninokuPhila okuPhakade, futhi Yileyo ofakaza ngaMi. Iyanitshela ukuthi NginguBani."

99 Futhi bathi, "Awu, manje, urabi wasitshela *lokhu* na*lokho*. Thina, sikholwa yilokho okushiwo yibandla." Niyabo?

100 Akusikhona okushiwo yibandla. Kuyilokho okwashiwo nguNkulunkulu. Okwashiwo nguNkulunkulu, hhayi okushiwo yihlelo, noma lokho. Kholwani nguNkulunkulu. Manje, yilapho abehluleka khona, ngoba babengene kakhulu emasikweni ngangokuthi behluleka ukuLivuma.

101 Manje siyathola, ke, Wathi Wabasola. Bhekisisani. "Eningaqondiyo nenilibele enhliziyweni ukuqonda zonke izibonakaliso zomBhalo nezinto ezifanele zenzeke zalonyaka. Eningaqondiyo, enilibele enhliziyweni ukuqonda konke lokho abaprofethi abakushilo okufanele kwenzeke ngalolusuku, zonke lezizibonakaliso enizibonayo. IBhayibheli lathi lezizibonakaliso zazizokwenzeka ngalolusuku, futhi niyazibona zenzeka, futhi manje–ke aniqondi ngokwenele ukuba ningakukholwa na?" Futhi Yena ekhuluma ngokuqonde ngqo kubo, futhi nokho abalivumanga. Nikhuluma ngokuphuphutheka!

102 Besingakwenza lokho na? Sengathi besingakwenza, uma singayihloli imiBhalo, ukuthola ukuthi yiliphi ihora esiphila kulo, sibone ukuthi yiliphi ihora, yiliphi, kanjani. Mhlawumbe isikhathi sesedlule kunoma sicabanga ukuthi sedlule.

103 Nokho, babezisho ukuthi bangabafundi baKhe. Babezisho ukuthi bayakholwa ukuthi babewakholwe onke amaZwi Ayekade—Ayekade ewashilo. Babelikholwa lonke iBhayibheli. Futhi nangu wayelapha—nangu wayelapha uMesiya, uNkulunkulu weBhayibheli, emi lapho enkombeni, ekhomba lona impela iZwi elilotshiwe. Futhi babefanele ukuba ngamakholwa aleloZwi. NaYe ethathisela emuva, futhi ebatshela lokho. "Niyakhumbula yini ukuthi kwathiwani ngalokhu; nokuthi kwathiwani ngalokhu; nokuthi uJesu umele akwenze kanjani lokhu; noma u—uKristu ufanele akwenze kanjani lokhu; nokuthi–ke zikanjani zonke lezizinto na?" Futhi nokho abaLiqondanga. Babengazi. Kwakuyini na? Babelazi iZwi, mayelana nencwadi iletha eyayiyikho, kodwa abaliqondanga iZwi ngenkathi Lalihunyushwa ngokwangempela.

104 Kuyilokho–ke namhlanje. Wonke umuntu unokuhumusha okungokwakhe. Kanti, uNkulunkulu uyigxeka yonke into. UNkulunkulu wenza ukuhumusha kwaKhe uqobo. Uma uNkulunkulu athi Uyokwenza into; uma Eyenza, lokho ngukuhunyushwa–ke. UNkulunkulu uhumusha iZwi laKhe Yena.

Nango Wayelapho, emi lapho, umhumushi waKhe Yena.

105 Haleluya! Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Wenza ukuhumusha kwaKhe Yena. Akadingi–kholiji, noma befundisi, mina, wena, noma nayimuphi omunye, ukuba aMhumushe. Wakwethembisa, bese–ke Ejika bese ekwenza. Lokho kuyakuxazulula. Lokho kuyazihumusha.

106 Kodwa nango Wama, omkhulu onamandla, uMnqobi wazo zonke izifo, konke ukugula, ukufa, isihogo, ithuna. Wabuye wavuka futhi, ababekade bekukholwa sonke isikhathi. Futhi nango Wama, kodwa abakwazanga ukukukholwa. NaYe ethathisela emuva kuYe uqobo ngaso sonke isikhathi, Wathi kubo. "Futhi ethathela ngoMose nabaprofethi, Wabachasisela zonke izinto ezazilotshwe ngaYe uqobo," futhi noma kunjalo abakutholanga. Kwakubukeka nje sengathi babengeke bakuthole nje. Yilokho kuphela.

107 Kuyafana manje. Yin'indaba, namhlanje, isizathu sakho na? Sibhizi kakhulu sifunda izivumokholo zethu. Sibhizi kakhulu ngezinhlelo zethu—zethu zamahlelo. Sibhizi kakhulu ngamasapha ethu amasobho nokugembula ebandleni. Sibhizi kakhulu nenhlangano yosizo lwamanenekazi. Sibhizi kakhulu ngezinhlelo zethu zamaTV nawo wonke lona omunye umbhedo. Sibhizi kakhulu ukuba sihlole imiBhalo, ukuthola ukuthi ngabe Iqinisile noma qha.

108 Wehlela esitolo othenga udlele kuso wase uzi odela isitsha sesobho, futhi belinolwembu kulo, ubuyosimangalela isitolo othenga udlele kuso. Ubungeke ulifake kuwe ngalutho, linolwembu kulo, ngoba wesaba ukuthi lungahle lubulale lomzimba omncane.

109 Kodwa wena uyohlohla noma yini yehle ngalowomphefumulo, noma yini nje, noma yiluphi uhlobo lwesivumokholo, futhi ungasibukanga neze, ukubona ukuthi ngabe siyinto elungile noma qha. "Kunendlela ebukeka sengathi yinhle kumuntu." Hlolani imiBhalo. Lowomphefumulo uPhakade, niyazi. Ngakho, ningakwenzi. Nje bhekisisani ukuthi nifakani lapho, niyabo, lezizivumokholo nazo zonke lezizinto. Sinakho njengedlangala nje, ujoyine idlalangala nje nalokho kuyakuxazulula. Futhi yileyondlela abantu abayicabangayo namhlanje. Yingalesosizathu bengenasikhathi sokuba bafundisise, bedlinza, behlola izinto, futhi bezama ukuthola ukuthi ngabe ziqinisile noma qha.

110 MaLihunyushwe nguKristu uqobo lwaKhe. Futhi uma Lifezeka, Akushoyo, khona–ke lelo yiQiniso. Bukani futhi nibone uma lingelalolusuku.

111 Njengoba ngithathisele izolo ebusuku, uMose wayengenakuza nomlayezo kaNowa. Kanjalo noJesu wayengenakuza no—nomlayezo kaMose. Niyabo? Wawunjalo, wawabelwe ihora ngalinye.

112 Manje, besingeke size nomlayezo kaLuther, kanjalo ngeke noweWeseli, kanjalo ngeke nomlayezo wamaPentecostal. Sithe ngqu ngaphambili le kwalokho.

113 Wena uthi, "O, lokho yinto o . . . " Awu, lacabanga kanjalo–ke ibandla eliKatolika ukuthi uLuther wakufakelela. Wacabanga kanjalo noWesley ukuthi babe . . . ILuthela licabanga ukuthi uWesley wayekufakelela. Kanjalo nabakaWesley ucabanga ukuthi iPhentekoste yayikufakelela.

114 Kodwa into yakho ingukuthi, bhekani emuva emiBhalweni. Uyakhomba, wonke unyaka. Futhi uma izinto Azenzayo manje ingaMkhombi, izithembiso zikaNkulunkulu, khona–ke ishiyeni kanjalo. Kodwa uma Ethi iyokwenzeka, futhi yenzeka, khona–ke kholwani ukuthi akusuye umuntu. NguNkulunkulu ekhuluma, enza ukuhumusha kwaKhe Yena kweZwi laKhe.

115 "Eningaqondiyo nenilibele enhliziyweni ukukholwa yikho konke okushiyo ngabaprofethi ngoKristu." Nokho, abafundi baKhe abakwazanga ukukholwa iZwi elilotshiwe, ngoba babebhizi kakhulu ngokuthi, o, awu, babedabukile ngakho.

116 Nokho, bazisho ukuthi bayakholwa, namhlanje, ukuthi Wavuka ngosuku lwesithathu. Sikhuluma ngakho, "O, siyakholwa ukuthi wavuka, ngosuku lwesithathu, futhi Uphila kuze kube phakade." Futhi nje Ake enze into ethize njengoba nje Ethembisa ukwenza, bukani ukuthi bathini,

"Awu, kuphakathi kokuthi yisigejane sabagingqiki abangcwele, noma ngukufunda ingqondo, noma ngolunye uhlobo lombhuli. Noma. . ." Njengoba nje benza ngaleyonkathi. Niyabo, yilowomoya ofanayo. Manje, khumbulani, uDeveli uthatha umuntu wakhe kodwa hhayi umoya wakhe, umoya wawuphezu kwalawomadoda emuva lapho, abafundisi bezenkolo.

117 Khumbulani, akukho–muntu owayengakhomba ngomunwe okumelene nalabobaFarisi. Babefanele baphile ngokufanele. Babekhandwa ngamatshe uma babengenjalo. Babekahle, amadoda akahle, abafundisi abafunde ngokuphakeme, izifundiswa ezinkulu. NoJesu wathi, "Niyisigejane sezinyoka. Nenza imisebenzi kayihlo." Ngani, kungani uMuntu, uNkulunkulu, aze enze ukuhumusha kumuntu walolohlobo na? Wayengake Ayisho kanjani into enjengaleyo na? Ngenxa yokuthi bala ukubona iZwi elikhonjiweyo libonakaliswa.

118 Manje, namhlanje, sifikile, izikhathi eziningi sishilo, i—iLuthela lathi, "Uma ukholwa yiNkosi uJesu Kristu, unaWo. Yilokho kuphela." AmaNazaretha, nePilgrim Holiness, namaFree Methodisti, athi, "Qhabo, ufanele umemeze, ukuze uWuthole." IPentcecostal ithi, "Ufanele ukhulume ngezilimi, ukuze uWuthole." Konke okwakho kuyiphutha.

119 Ngizibonile izinyanga bathakathi zikhuluma ngezilimi, nabathakathikazi. Ngiyababona begxuma futhi bememeza, futhi ngibabonile abakaMohamede behambisa izincezu zezinkuni phansi kweminwe yabo, futhi bememeza kakhulu kunoma ngake ngezwa amaPentecostal empilweni yami.

120 Kodwa, nokho, ekholwa ukuthi uqinisile, ukukhuluma ngezilimi kulungile, nokumemeza kulungile, nokuthokoza. Kodwa lokho akusiWo, nokho.

121 LabobaFarisi, abanye babo bathi, "Awu, yisithelo sikaMoya, kunjalo." LabobaFarisi babenesiningi isithelo sikaMoya, esikubiza ngesithelo sikaMoya, kunoma babengakwenza, ebesingake size sisiveze.

122 Ubani ozosho, ukuba bengizoMfaka ecaleni manje, ngisho njengomfo osemncane engena edolobheni lapha ngoluny'suku futhi Uzibiza ngomprofethi na? Ake siMfake ecaleni umzuzu nje. Futhi manje ngikhuluma kini bantu, ngokumelana naYe; uNkulunkulu angithethelele ngokusho into enjengaleyo, kodwa nje ukwenza iphuzu. Ngithi, "LoMfo osemncane, Ungapha phandle lapha. Uzibiza ngomprofethi. Ukhuphuka evela eGalile. Wenza inqwaba yokuphilisa nezinto, kodwa lokho akusho lutho. Bukani phezulu lapha, sinechibi laseBetsayida. Abakhubazekile belele lapho, ngenkathi leyoNgelosi yehla futhi izamazamisa amanzi, noma ubani uyangena. Kungani uNkulunkulu afune enye into ethize ngaphandle kwalokho na?" Niyabo, bayehluleka ukuvuma iZwi langalolosuku. Isithembiso sase silungele ukuba sigcwaliseke.

123 Manje bathi, "SizoMehlulela ngesithelo sikaMoya. Manje, bukani, ubani owama eceleni na? Kwakungubani, ngenkathi uphandle uhamba wehla wenyuka, njengensizwa, wabeka sonke isikhathi sakhe ukuba atadishe iZwi likaJehova na? Umpristi wakho omdala omesabayo uNkulunkulu. Kwakungubani, ngenkathi ubaba nomama wayesezokwehlukanisa, bagaxa oyedwa ngengalo yabo, nenye komunye, wase ebabuyisa ndawonye na? Umpristi wakho omdala omesabayo uNkulunkulu. Kunjalo. Kwakungubani, ngenkathi ukudla kukayihlo okusanhlamvu kwehluleka, futhi wayengenamali, wawungenalutho ozoludla; kwakungubani owambhalela isheke futhi umnika imali, noma ukumsiza na? Lowompristi omdala omesabayo uNkulunkulu. Kwakungubani owama ngakunyoko nobabayi wakho, ngenkathi uzalwa, ngenkathi uqala ukufika ezweni na? Lowompristi omdala omesabayo uNkulunkulu. Kwakungubani owakuqukula ngezingalo futhi wakusoka, ngosuku lwesishiyagalombili, futhi wakunikela, ukuphila, kuNkulunkulu na? Umpristi omdala omesabayo uNkulunkulu.

124 "Futhi manje–ke, bukani, kunosomabhizinisi lapha edolobheni lakithi. UJehova udinga iwundlu. Labosomabhizinisi bangamadoda ahwebayo. Ayathengisa, abantu bezimakethe, ngakho abanakho—abanakho, ukufuya amawundlu. Ngakho umpristi wenza indlela ukuba bakwazi ukuhlanza umphefumulo wabo, ngokweZwi likaNkulunkulu, futhi bakha izibiyelo ezincane phandle lapho emagcekeni. Futhi baletha indoda eyathengisa a—amawundlu, phakathi lapha, futhi bavumela lawa indoda efuna ukunikela ngomnikelo wesono ngenxa yomphefumulo wawo, isidingakalo sikaJehova, ngenkathi enyuka ukuyothenga leliwundlu.

125 "Manje–ke wenzani loMfo ngenkathi Enyukela lapho na? Wagumbuqela amatafula emali, wayesebashaya ebakhipha lapho, ezama ukudedisa indoda ekubeni ithole ukuba umphefumulo wayo ulungisane noNkulunkulu. Futhi Wathini ngalowompristi wenu omdala omesabayo uNkulunkulu na? 'babeyisigejane sezinyoka, futhi bengabakaDeveli.'" Nikhuluma ngesithelo sikaMoya na? BabenaYe eshaya, kude le.

126 Kodwa buyini ubufakazi obubonakalayo bekholwa na? Lokho kuyokholwa kuphela iZwi elikhonjiwe lehora. Bekuhlala njalo kungaleyondlela. Abantu baLenza amathizethize, kuzo zonke izinhlobo zamasiko, nezinkolo, namahlelo, nezimfundo, kanjalonjalo. Kodwa uNkulunkulu uyafika, neZwi laKhe, futhi uLiqinisela ihora. Lobo ngubufakazi obubonakalayo.

127 Mbhekeni bese nibona. Wathi, "Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, ningaNgikholwa. Hlolani imiBhalo, kuYo nithi ninokuPhila okuPhakade; Iyafakaza ukuthi NginguBani. Uma Ngingenzi lokho umBhalo othi Ngiyakukwenza, khona–ke ningaNgikholwa." Niyabo? Futhi noma kunjalo abakwazanga. Futhi emva kokuhamba naYe, futhi lapha Ezikhomba yena

uqobo emva kokuvuka, futhi ekhombisa lokho, ukuthi kwakunguYe, ngemiBhalo.

128 Noma kunjalo, niyazi, namhlanje, emva kwalokho, uJesu uvukile kwabafileyo futhi ubonakele kubantu ngezinsuku zokugcina.

129 Ngenkathi, bathi, eminyakeni eyedlula, ngenkathi iqembu lePentecostal kuqala liqala, "Yayingekho into enjengaleyo." Yibandla elikhula ngokushesha ukwedlula onke emhlabeni, iPentecostal. Ngumlayezo asebebenawo manje iminyaka engamashumi amahlanu. Bathi, "Kungeke kwenziwa," kodwa kwenziwa, noma kanjani. Bathi, "Yayingekho into okuthiwa nguMoya oNgcwele." Abantu baqhubeka, baMemukela, ngokufanayo nje. UNkulunkulu wethembisa ukuthi Uyothulula uMoya waKhe. Nizokumisa kanjani, kanti Wethembisa ukuthi Uyokwenza na? Bathi, "Akukho–muntu ozokukholwa," kodwa bakukholwa.

130 "UNkulunkulu angamvusela uAbrahama abantwana kulawamatshe, abazolikholwa iZwi laKhe."

131 Baqhubeka ngqo. Baba yibandla elinamandla kunawo onke elikhona ezweni. ISunday Visitor yethu, iKatolika Visitor, yakukhipha, yasho kungekudala, ukuthi, "Ibandla lePentecostal liyibandla elikhula ngokushesha kunawo onke azo zonke izinhlangano." Yathi, "Ibandla lawo lizibonele ukuphenduka kwabayisigidi ngonyaka odlule, nePentecostal yayinesigidi izinkulungwane ezingamakhulu amahlanu ngonyaka odlule." Lokho akubali elami, uRoberts, naleyo eminye imihlangano kanjalo. Niyabo? Yilabo nje abangeniswa njengo—njengobulunga. Abanye babo, abazi lapho abaya khona, kulemihlangano yabavangeli. Kodwa babhalisa abaphendukayo isigidi izinkulungwane ezingamakhulu amahlanu ngonyaka, kufakazwa yibandla eliKatolika. Niyabo?

132 Bathi kwakungeke kwenziwa, futhi manje amaPresbyterian, amaMethodisti, namaBaptisti, afuna Wona. NamaPentecostal aphuphutheke ngokwenele ukungaliboni ihora. Anazi yini na? Ngalowomlindo wesikhombisa, ngenkathi izintombi ezilele zithi, "Wozani, sipheni amanye amaFutha enu." Futhi ngenkathi yena, zathi, "Sinanele thina nje." Futhi ngenkathi zisazama ukuWathenga, uMyeni uyafika, futhi zangena. Nakho lapho esikhona. Niyabo?

133 "Eningaqondiyo," Ubengasho futhi, "enilibele enhliziyweni ukukholwa konke okushiwo ngumBhalo ngalolusuku; ukukholwa ukuthi lonyaka webandla laseLawodikeya, ukuthi Ubekwe ngaphandle kwebandla, futhi ngoba, 'Sicebile, kasisweli lutho'"?

134 "Awu, singenye yezinhlangano ezicebe kunazo zonke emhlabeni, umnyakazo wamaPentecostal. O, he! Sasivame ukuba phansi endleleni enqamula phakathi kwezakhiwo,

kodwa, mfowethu, liphandle emgwaqeni ongaphambili manje, amasonto amahle ukwedlula onke, namakholiji amahle ukwedlula onke. Futhi sakha elilodwa, elamadola ayizigidli ezingamashumi amahlanu, khona lapha manje, niyabo, nazo zonke izinhlobo zezinto ezinkulu. Sicebile!"

135 Kodwa kungaleyonkathi enikhohlwa ngayo isithembiso. Niqala ukuya ngasesikweni. Futhi yingalesosizathu, uma Efika ukuZikhomba yena uqobo, abantu undikindiki kakhulu ngokuphelele, ngemfundo yabo nokwazi ukudabuka kwezinto nezinto. Baphendulele i—imiYalo kaNkulunkulu esikweni. Uyama ukhulume kubo, futhi nje aLihambi nhlobo; Liyabuya. Manje, uma Lifika liphucuke ngokuphakeme ngempela, uma umbhishobhi othize omkhulu noma omunye umuntu engenisa into efana naleyo, awu, be—bebeyoyemukela. Kodwa, niyabo, aLifikanga neze ngaleyondlela. Uma inhlangano enye yonke ibingaba ngakuLo, bekungaba kuhle, kodwa Akazange akwenze lokho. Akazange akwenze.

136 Ukuba Wayeze noKayafase, noKayafase wayethe, "Manje, ngingu Mesiya. Yimi engifanele ukufika manje." Niyabo, babeyothi, "O, fata omkhulu ocwebileyo, unguMesiya." Kodwa, niyabo, lokho akukhombi uMesiya. Amalungelo akhe—akhe ezenkolo, lokho akumenzanga uMesiya.

Wayeyisibonakaliso iBhayibheli elathi siyoMenza uMesiya.

137 Kuyilokho–ke futhi namhlanje. Hhayi amahlelo ethu, hhayi izivumokholo zethu, kodwa lokho uISHO KANJE INKOSI ayikho. Manje qaphelani.

138 Kuyafana manje, sizithola thina uqobo ngendlela efanayo, sisalokhu sikholwa izivumokholo, ihlelo, nemfundo yezwe, kanjalonjalo. Ngani, niyazi, inqwaba yamabandla ethu aqala ukwemukela umqondo ukuthi ngaphambi kokuba isithunywa senkolo siqhubekele ensimini, futhi zizofanele zibe nokuhlolwa okuphathelene nengqondo yisazi sezifo zengqondo, ukubona ukuthi ngabe ukusebenza kwengqondo iIQ yazo iphakeme ngokwenele yini ukuba sibe yisithunywa senkolo. Manje, lokho kuphambene nomBhalo.

139 IBhayibheli lasho ukuthi uPetru wayengazi lutho futhi eyindoda engafundile. Wayengakwazi ngisho nokusayina igama lakhe uqobo. Kodwa kwamthokozisa uNkulunkulu ukumnika izihluthulelo kuwo uMbuso, ngoba ubone uMesiya futhi wabazi ubufakazi baKhe obubonakalayo, wayesewela ezinyaweni zaKhe wayeseMvuma njengoMesiya. Walikholwa iZwi. "Futhi wena unguPetru. Ngithi kuwe, wena unguPetru, futhi phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi." Hhayi phezu kukaPetru, hhayi phezu kukaJesu, kodwa phezu kwesambulo sakhe sokomoya sokuthi WayenguBani.

140 Into efanayo Ayenza ngoAbela. "UAbela ngokukholwa wanikela kuNkulunkulu ngomhlatshelo omuhle kunokaKayini."

Bobabili abafana banikela. Bobabili abafana bakhuleka. Bobabili abafana bakha ialtare. Bobabili umfana bakhonza uNkulunkulu ofanayo. Niyabo? Omunye wemukelwa, omunye wenqatshwa. Ngoba, ngesambulo, uAbela wabona ukuthi kwakungesizo izithelo noma ama apula asikhipha ensimini yase Edene. Kwakuyigazi. Futhi wanikela ngegazi, noNkulunkulu walemukela.

141 Futhi bukani e—bukani enhla kwaMowabi, inhlangano enkulu. UNkulunkulu ofanayo! Nakho kufika uBalami, umbhishobhi, phandle, wakha ama altare ayisikhombisa njengoba nje uIsrayeli wayenawo ezansi lapho. Babeka imihlatshelo ehlanzekile eyisikhombisa, izinkabi, nezinqama eziyisikhombisa, kukhuluma ngokuFika kukaKristu. Ngokuqavile, babeqinisile bobabili. Kodwa bukani phansi lapha kulesisigejane esincane samambuka sihamba sintanta, singeke sedlule ngisho nasenkundleni. Umelusi walo, wesaba ukuthi azoba nolunye uhlobo lwemvuselelo enhla lapho, ngakho bangeke babadedele bedlule. Endleleni yabo beya ezweni elithenjisiwe, futhi, futhi wayengavumeli ngisho nomfowabo, uIsrayeli, edlule. Kunjalo. U . . .

142 UBalami ehluleka ukukubona kwakuyileloDwala elishayiwe naleyonyoka yethusi, ukumemeza kweNkosi ekamu. Behluleka ukubona leyonkomba kaNkulunkulu phakathi kwabo. Bobabili babenabaprofethi; uBalami enhla lapho, noMose ezansi lapha. Kodwa uMose wakhonjwa neZwi. Yilowo umehluko. Bobabili abashumayeli abakhulu, kodwa lendoda yakhonjwa neZwi. Yayingenkulu, yesizwe, njengoba leso sasinjalo. Kodwa yakhonjwa neZwi, futhi yayinobufakazi obubonakalayo baLo. Amen.

143 Lelo yiqembu labantu abakholwa ngempela: uKristu enathi; uKristu ekithi. "Kuseyikhashana izwe lingabe lisaNgibona; nokho niyoNgibona nina, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe." Qaphelani.

144 Manje khumbulani, ngokushesha. Behluleka ukulibona. Qhabo, abakuqondanga, ukuthi kwakufanele kube njani. NeZwi elithenjisiwe lalingelonyaka wabo. Wayeyilesosithembiso sigcwalisekile, futhi nokho bayehluleka ukusibona, isibonakaliso esiqinisekile somprofethi weqiniso. Qaphelani Akwenzile. Futhi ba . . . Manje qaphelani. Bahamba ngokushesha . . .

145 Wathi, "Wena, uyisihambi, futhi ungazi ukuthi uJesu waseNazaretha, umProfethi isibili, onamandla phambi kukaNkulunkulu nabantu na? Siyakholwa futhi siyazi ukuthi UbengumProfethi." Mbhekisiseni, kwathi bangaMkhomba nje.

146 Waqhubeka nokubuza, "Ini, lezizinto ezenzeka na? Ini, kwenzekeni na?"

147 Wathi, "UJesu waseNazaretha, umProfethi, onamandla phambi kukaNkulunkulu nomuntu. Futhi besikholwa ukuthi NguYe Obezoletha ukukhululwa kuIsrayeli."

148 Futhi kwathi nje bangaMvuma njengomProfethi, bhekisisani, masinya Waya eZwini. I—isibonakaliso sangempela somprofethi weqiniso. Umprofethi wangempela uya eZwini, njalo, ngoba iZwi leNkosi liza kumprofethi. Niyabo? Futhi uya e. . .Futhi bhekisisani ukuthi Wenzeni. BaMtshela ukuthi babeMkholwa ukuthi ungumProfethi. Manje, kufanele, ukuba ngumprofethi, ukuZikhomba yena uqobo neZwi, amen, ngoba iZwi njalo liza kumprofethi.

149 UDr. Davis omdala uhlezi lapha, bukani; okungukuthi, angazi noma ngabe ukhona noma akekho. Ngicabanga ukuthi usezansi lapha eFlorida, ndawo ndawo, bangitshelile. Dr. Davis, uma ukhona, nguye owangigcoba ebandleni leMissionary Baptisti. Sasivame ukuphikisana ngomBhalo. Futhi washo, ukuthi, "UJohane umBhaphathizi wabhaphathiza uJesu, kuqala. . .Noma, uJesu wabhaphathiza uJohane, kuqala, ngoba uJohane wayengakaze abhaphathizwe. Futhi wayeshumayela umbhaphathizo, futhi akukho–muntu omunye okufanele ukumbhaphathiza, ngakho uJesu wabhaphathiza uJohane," wathi, awu, "Wamvumela." Awu, angikutholanga kuqondile lokho engqondweni yami, ukuthi Wakwenza kanjani. Angikwazanga ukubona umBhalo.

150 Ngoluny'usuku ngenkathi sisodwa, neNgelosi yeNkosi yayikhona, Yakwembula kimi.

151 Niyabo, manje, bukani. UJesu wayeyiZwi; uJohane wayengumprofethi. Kunababili babakhulu kunabo bonke emhlabeni; uNkulunkulu nomprofethi waKhe. NeZwi lalinguNkulunkulu Futhi njalo kulifanele, iZwi, ukuza kumprofethi. NoJohane wayengumprofethi. Futhi nakhu kufika iZwi liphumela ngqo emanzini, kumprofethi. IZwi liza kumprofethi, emanzini. Amen. Ngizizwa ngigcwala ukholo. IZwi ngokoqobo liza kumprofethi. Futhi nangu Wayekhona, iZwi esimweni esiphilayo; futhi nangu umprofethi wayekhona; emi emanzini. NeZwi liza kumprofethi. Sengiyawabona amehlo abo lapho ehlangana.

152 UJohane wabheka phezulu, wabona amazulu evulekile, lelojuba lehla njengamaphiko anomlilo lehlela phezu kwaLo. IPhimbo livela kuLo, lithi, "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo ENgithikozile ukuhlala kuyo."

153 Ngenkathi uJohane ebheka, wabona lokho kuKhanya phezu kwaYo, noma ngabe kwakuyini. Kuqala, ngenkathi eya osebeni, wathi, "Bheka iWundlu likaNkulunkulu elisusa isono sezwe."

154 Wayeshisekele ngokuphelele, inkolelo yangempela, wathi, "Ukhona Omi phakathi kwenu, Ozicathulo zakhe ngingafanele ukuzithwala. Uzakubhaphathiza ngoMoya oNgcwele noMlilo."

Wayazi ukuthi Wayefanele afike ngezinsuku zakhe, ngoba Wayengumanduleli waKhe. Wathi, "Ukhona Ophakathi kwenu manje, Eningamazi. Kodwa ngizakuMazi, ngolunye lwalezizinsuku, uma ngibona lesosibonakaliso siMkhomba."

Manje–ke uJesu waphuma, ngoluny'usuku.

155 Wathi, "Nanto iWundlu likaNkulunkulu elisusa isono sezwe."

156 UJesu wahamba, iZwi, waphumela kumprofethi ngqo, emanzini. UJohane waMbheka, ngokuzithoba. Wathi, "Yimina engiswela ukubhaphathizwa nguWe. Kungani Uza kimi na?"

157 Bhekisisani lokhu manje, iZwi nomprofethi, ndawonye. Niyabo, umprofethi uzofanele alazi iZwi, ngoba iZwi libonakaliswa kumprofethi. Manje nakhu ukuprofetha kwagcwaliseka, wayezo "kwethula uMesiya." Futhi nangu umprofethi neZwi, bendawonye.

158 Wayesethi, "Yimi engiswela ukubhaphathizwa nguWe. Futhi kungani Uza kimi na?"

159 UJesu wambheka ebusweni ngqo, wayesethi, "Vuma kalokho, ngokuba kusifanele, kufanele, kusifanele, ukugcwalisa ukulunga konke." Futhi ngenkathi eMbhaphathiza, bukani, kwakuyini na? UJesu wathi, "Njengomprofethi, wena uyazi ukuthi NginguMhlatshelo, noMhlatshelo uzofanele ugezwe ngaphambi kokuba Wethulwe." Amen. Amen. Ngakho, iZwi liza kumprofethi, njalo. Kuyikho. Futhi Wamvumela.

Wathi, "Lokho kunjalo impela."

160 "Kusifanele ukuthi sigcwalise ukulunga konke. NginguMhlatshelo. Ngifanele ngigezwe. Kunjalo. Uswele ukubhaphathizwa. Amen. Kepha vuma kalokho, ngokuba kukufanele wena naMi, ukuthi sigcwalise ukulunga konke." Haleluya!

161 Besilisa nabesifazane, kusifanele impela, njengabantu bePentecostal noMlayezo kaNkulunkulu, ukuthi sigcwalise ukulunga konke, nokukholwa nguYe. Kusifanele ukuthi sigcwalise ukulunga konke.

162 Qaphelani, ngenkathi, umProfethi, Wayeseya ngqo eZwini. Ngenkathi bethi, "UJesu waseNazaretha obengumProfethi, onamandla ngesenzo phambi kukaNkulunkulu nabantu." Khona–ke, uma WayengumProfethi, ekhonjiwe, khona–ke Wabuyela emuva ngqo wayesethatha wona impela amazwi ayesho ukuthi Wayenguye. Ningakugeji lokhu. Wathatha lawo ayeMbiza ngokuthi uyikho, wathatha iZwi elilotshiwe wayeseZikhomba yena uqobo eyilokho, futhi noma kunjalo abakutholanga. Abaqondanga. Nokho, baMbiza ngomProfethi; futhi nangu Wayelapha, umProfethi. Wayeseya ngqo eZwini, wayesethatha iZwi wayesekhomba inkonzo yaKhe uQobo.

163 Base bethi, "Leyo yi—leyo yintshumayelo enhle, kulungile. Izinhliziyo zethu bezivutha phakathi kwethu." Kwakuyilokho–ke. Kodwa kwakuyilokho–ke.

164 Angazi noma besingayenza yini leyonto efanayo na? Kulotshiwe ukuthi siyoyenza, kunjalo, ngakho siyoyenza. Qaphelani.

165 O, isibonakaliso esinje pho somprofethi weqiniso, njalo siqonda ngqo eZwini! Nakuba, babengenakuSiqonda. Waye . . . Ukufundisa kwaKhe kwakukukhulu kakhulu.

166 Futhi, he, o, he, siyaphi lesosikhathi na? Cishe imizuzu eyisishiyagalombili, isikhathi sokuphuma. Qaphelani. Angiqondi ukuthi uyaphi masinya kangaka leyomizuzu engamashumi amane-nanhlanu.

167 Qaphelani. Bukani lapha. Nakuba babengenakuqonda, nakuba ungahle ungakwazi, kodwa siza wenze abakwenzayo. BaMmema ukuba angene. Bathi, "Ngena. I—imini isiyadlula. Ngena." Yilokho–ke. Yilokho–ke. Kungaleyonkathi–ke, nangaleyonkathi kuphela, EngaZenza yena uqobo aziwe, uma uMmema ukuba angene.

168 Wena uthi, "Angikuqondi. Ngikuzwile kuchazwa ngeZwi, ukuthi lezizinto zifanele ukwenzeka ngalolusuku, kodwa ngeke nga—nga—nga—ngakuqonda."

169 Kodwa, nokho, Mmeme. Uthi, "Ngena, Nkosi Jesu." Awukwenzi ngani lokho khona manje, uyabo, "Ngena"?

170 Kanjani, qaphelani manje, emva kokuba sebeshilo. Ushaya sengathi Wadlulela phambili futhi abashiye. Angahle enze ngaleyondlela kuwe. Kodwa Angeke, uma uzoMmema. Wathi, wahamba, waqhubeka, sengathi Wayezoqhubekela phambili. Base bethi, "Kulobubusuku, imini isiyadlula, manje Woza futhi uhlale nathi."

171 Ngakho Wayesejika, wathi, "Kulungile, Ngizongena." Ngakho, Wangena ngaphakathi. Manje, yileyo into enkulu.

172 Nakuba ubungaliqondi iZwi; wena, lijule kakhulu—kakhulu noma enye into ethize. AwuLiqondi. Nonke nigcwele izivumokholo ezehlukene. Nalona washo lokho, nalokhu nalokho. Nomqondo wakho oswele, ngakho awazi ukuthi uzocabangani. Ngizokutshela ukuthi yenzani. Yenza nje njengoba benza. Thana, "Ngena, Nkosi, futhi uhlale nami nje kulobubusuku. Uzokwenza na? Ngena nje bese uhlala nami manje."

173 Futhi uma Engena ngaphakathi, bavala umnyango. Qaphelani ukuthi Wakwenza kanjani manje.

174 Qaphelani ukuthi WaZazisa kanjani kubo, emva kokuba iZwi elishunyayeliwe lingakwenzanga, iZwi elishunyayeliwe neZwi elikhonjiwe. Futhi babeMusho ukuthi ungumProfethi. Futhi babezisho ukuthi bangabafundi baKhe. Futhi

Wakhuluma kubo, usuku lonke gulukunqu, futhi noma kunjalo abakutholanga ngeZwi elishunyayeliwe. Qhabo, mnumzane. Abakutholanga. Kodwa banele baba ngaphakathi, banele bangena-ngaphakathi, Wavula amehlo abo ekutheni WayenguBani. Wavula amehlo abo.

175 Wakwenza kanjani na? Ngokwenza into ethize njengoba Enza nje ngaphambi kokubethelwa kwaKhe. Wavula amehlo abo, futhi baMbona enza into ethize ababeMbone eyenza, futhi nguYe—nguYe kuphela oyenzayo.

176 Wehlukile kubo bonke abanye abantu. Uke waze waMbona, lapho—lapho . . . Akukho–muntu ongenza Akwenzayo. Niyabo? Futhi abakwenzi ngendlela Akwenza ngayo. Futhi Ubehlala njalo ekwenza ngaleyondlela, futhi Akaguquki neze. NamaHeberu 13:8 aqinisile, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade."

177 Wanele waba ngaphakathi, Wanele wangena ngaphakathi kubo, WayeseZikhomba–ke ngokwenza into A . . . njengoba Ubehlala njalo ekwenza.

178 Kufana njengoba Enzela lowo wesifazane emthonjeni. Qaphelani. Nango enyuka, engozidlayo impela, owesifazane omdadlana onegama elibi. Mhlampe intombazanyana ndini yayikhishelwe emgwaqeni, ukuba iphile noma ikanjani. Kodwa khona lapho enhliziyweni yayo yayinembewu emiselwe ngaphambili ilele lapho.

179 Nalabobapristi nayo yonke into laphaya, babene—babenemfundo, u—umqondo. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . kwase kuqaleni nje. Washo njalo.

180 Kodwa lona wesifazane omncane, impilo yakhe yayoniwe yonke. Khona phansi lapha kwakungukukhanya okuncinyana, kodwa phansi le phakathi lapho kwakuyimbewu ilindile. Niyabo? Futhi ngokuqinisekile impela nje njengoba ukukhanya kungashaya imbewu emilayo, izophila.

181 Ngakho, nangu eza enyuka. Mhlawumbe wayeleyithi emsebenzini wakhe. Wayengenakwenyuka nabo bonke abanye besifazane, empeleni. Yena, mhlawumbe inenekazi elincane elihle, lithwele ibhodlela lamanzi alo ehlombe lalo. Futhi lenyukela lapho lase liqala ukulehlisela e . . . mthonjeni. Lezwa leNdoda ithi, "Ngiphuzise." Yaya ukuyokhuluma nalo.

Wayesethi, "Hamba ulande indoda yakho ize lapha."

182 Manje, niyabo, phansi, lazi ukuthi leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya. Lathi kuYe, "Anginandoda."

183 Wathi, "Kunjalo. Ubunayisihlanu. Onayo manje ayisiyo indoda yakho."

184 Lathi, "Nkosi, ngiyabona Ungumprofethi wena. Kade singenamprofethi amakhulu eminyaka. Ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena. Manje, siyazi ukuthi sibheke uKristu,

uMesiya ogcotshiweyo. Futhi uma Efika, yilokho impela nje Azoba yikho."

Manje bukani. Wathi, "NginguYe, okhuluma nawe."

185 Lasuka laqonda emzini. Lalingenalungelo lokwenza lokho, ngokwemithetho yabo. Owesifazane walolohlobo, owesilisa wayengamlaleli. Kodwa uzame ukummisa? Njengendlu isha, ngosuku olunomoya. Nangu ehamba. Wathi, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzileyo. Lona kungebe suye yini uMesiya na?"

186 Manje khumbulani, uJesu akazange akuphinde. Akazange akwenze kanye phakathi lapho, kodwa bathi wonke umuzi waMkholwa ngenxa yobufakazi bowesifazane. Kucabangeni. O, he!

187 Lapho esazi isithembiso, lokho uMesiya ayezoba yikho, futhi lapho esebone lesosithembiso sigcwaliseka, savula amehlo akhe. Niyabo? Ayekade evalwe yisono, kodwa lapho lesosithembiso . . . Wathi, "Lokho yi . . . UMesiya uyokwenza lokho uma Efika."

188 Wathi, "NginguYe." Amehlo akhe avuleka. UnokuPhila okuPhakade ngoba amehlo akhe lavuleka.

189 Amehlo kaPetru lavuleka; akaNatanayeli. Sikhulume ngakho izolo ebusuku.

190 Senzeni emehlweni ethu kulezizinsuku na? Isithembiso esigcwalisekile, ngabe siwavulile amehlo abo na? Sibonile kuJohane oNgcwele 14:12, amaHeberu 13:8, uJohane oNgcwele 14:9, futhi sibone uLuka 17:27–28, nayo yonke lemiBhalo othenjisiwe, uMalaki 4, yonke igcwaliseka lapha phambi kwethu ngqo, senzeni emehlweni ethu na? Uma singawavuli, sizowaphuphuthekisa Phakade. Sivula amanye, siphuphuthekise amanye. Niyabo? Siyawavula kulabo oku . . . lezizinsuku zokugcina, Athembise ukukwenza. Yilokhu Akusho, Uyokwenza, "Abuyisele ukuKholwa emuva."

191 O, bantu bePentecostal, bantu abazisho ukuthi banoMoya oNgcwele kaNkulunkulu, kwangathi uNkulunkulu waseZulwini angavula—vula amehlo enu nisuke esikweni, niye kuNkulunkulu ophilayo, ngesithembiso seBhayibheli esizisho ukuthi siyalikholwa, Athi Wayezokwenza. INzalo yobukhosi ka Abrahama, ebizelwe ngaphandle ngosuku lokugcina, noJehova wayezokwehlela phakathi kwenyama yabantu baKhe futhi enze khona impela njengoba Enza ngezinsuku zaseSodoma.

192 Nizizwile izindaba kulobubusuku, ukuthi kanjani ukuthi, kuso lesisifundazwe, ngiyakhohlwa ukuthi bangamakhulu amangaki othisha, othisha besikole, okwafakaziswa ukuthi bangongqingili. Ezindabeni zalobubusuku. O, kubole kwaze kwayofika emnyombweni, yonke into. Uhulumeni, bayasho, nezikhulu zikahulumeni, kunamapesente acishe abe ngamashumi amane abo, okufakazelekile, bangongqingili. Iofisi

lami linqwabelwe ngezincwadi amaletha, umama ekhala, ukuthi umfana wabo uhlala nabafana. Futhi, niyabo, wusuku nje esiphila kulo. Yonke into!

193 Izizwe ziyehlukana. UIsrayeli uyaphaphama. Usezweni lakhe lendabuko. Umvini usuqhakaza imiqumbe yawo.

194 O, ibandla lilele eLawodikeya. Futhi uJesu, ezama ukuthola ubambiswano oluthize, abakwazi ngisho nokulwenza! . . .?. . . Niyabo? Nokho, nazo zonke izinto umBhalo ozishoyo, ibandla lisuka lithathe isithongwana ngqo, embhedeni wokwezwe.

195 O, bandla, uma ningenakuliqonda iZwi, vulani inhliziyo yenu nje futhi nibone ukuthi ngabe AkaZikhombi yini yena uqobo njengoba Enza ngaleyonkathi, "nguyena izolo, namuhla, naphakade."

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana.

196 Baba waseZulwini, ngezinye izikhathi mhlawumbe . . . Angiqonde khona ukuba budedengu ngabantu. Angiqonde khona ukuba nesihluku. Kodwa, Nkosi, kuyisisho sombazi, "Ungalenza kanjani iplangwe libambelele, ungasigobisanga isipikili sesiphumele ngale na?" Ngakho ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi bazoqonda ukuthi nje kungothando lobuKristu e—esizama ukubethelela Lokhu. Kungahle kube ngukuvakashelwa kwabanye abantu lapha, okokugcina ukuthi bayoke bavunyelwe. Kungahle kube ngokokugcina ukuthi siyoke sihlangane ndawonye. Lelidolobha lingahle lingaphinde libe nenye imvuselelo enjengayo.

197 Nokho, ngesinye isikhathi, bayobe beqhubeka, "benemvuselelo," basho njalo, nebandla selivele lihambile, usuvele unamekwe ngophawu, umnyango. UNowa wayesemkhunjini ngenkathi umnyango uvaleka emva kwakhe, izinsuku eziyisikhombisa ngaphambi kokuba imvula ize ifike, ukuthi akukho–muntu owayengangena emkhunjini. Izwe laqhubeka ngqo, ngokufanayo nje.

198 Futhi ngoluny'usuku kungahle kube yinto efanayo, bangahle baphaphame kulokho uJesu akusho, ngenkathi abafundi bethi, "Basholoni ababhali ukuthi, 'UEliyase umele ukufika kuqala'?" UJesu wathi, "Usevele ufikile futhi anikwazanga."

199 Kanjalo kunganjalo, ukuFika, futhi kuhlwithe. Ngolunye lwalezizinsuku, bayongena ekuHluphekeni. Bayothi, "Ngangicabanga ukuthi uMlobokazi wayehamba. Ibandla lingena ekuhluphekeni?" Impela, ibandla lingena ekuhluphekeni, kodwa hhayi uMlobokazi. "Kungani lokhu kufanele kube ngokokuqala na?"

200 Bese kuthi–ke iZwi lingahle libe ngukuthi, "Selivele lihambile. Anikwazanga." Bayobe beqhubeka, benebandla, ngokufanayo nje.

201 Nkulunkulu, makuthi abantu, kulobubusuku, nakuba bengayiqondi imiBhalo, Ungahle ube yimpicabadala kubo, kodwa nje ngamunye makathi, "Manje–ke, Nkosi Jesu, Wena Okhona, ngena futhi uhlale nami. Ngi—nginokudinga. Ngiyafunda eBhayibhelini lapho owesifazane wathinta ingubo yaKho, futhi Wena wajika waphenduka wase umtshela ukuthi inkathazo yakhe yayini, futhi wathi ukukholwa kwakhe kwakumsindisile. Futhi ngiyafunda eBhayibhelini kangaka, ukuthi Wena manje u 'ngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu,' futhi Wena ungu 'yena izolo, namuhla, naphakade.' Manje ngena enhliziyweni yami, Nkosi, futhi wemukele kimi. Nakuba ngihambile, futhi ngaKuthanda, kodwa ngempela angikaze ngibone kwenziwa. Ngakho ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzongenzela khona, kulobubusuku."

202 Baphe khona abantu, Baba. Futhi kwangathi amehlo ethu angavuleka, ebandleni lonke, futhi sizombona lowo othandekayo, iNkosi uJesu omnandi ovukileyo, onguyena izolo, namuhla, naphakade. Siphe khona. Kwangathi amehlo ethu angavuleka, ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

203 Manje, ukuze nginikhiphe ngesikhathi, ngeke ngaba nesikhathi sokubiza umugqa womkhuleko phezulu lapha, nakuba bengahle babe namakhadi omkhuleko. Anidingi ukuba nibe phezulu lapha. UNkulunkulu mkhulu nje impela, khona lapha, njengoba Enjalo ndawo zonke.

204 Ungo, niyacabanga, sezindaweni zonke na? [Ibandla, "Amen."—Umhl.] Impela, Unguye. Ungosezindaweni zonke ngoba Ungowazi konke. Manje, Uyabuya futhi, ngoba Yena, ngokuba ngowazi konke, Wazi izinto zonke. Ngakho, ngakho–ke, U—Usezindaweni zonke, ngokuba ngowazi konke.

205 Njengegama nje ukumisela ngaphambili, yigama elibi. Ngilisebenzisile emizuzwini embalwa edlule, ngase ngizibamba mina uqobo lwami, ngoba ngizwe umoya uhlehla. Abantu abaningi abakholelwa ekumiselweni ngaphambili. Ukumiselwa ngaphambili yigama elibi. Ngempela kungukwaziphambili. UNkulunkulu uyazi, ngaphambili, ukuthi ubani oyobakhona nokuthi ubani ongayikubakhona, ngakho ngakho–ke Angamisela ngaphambili ngokwaziphambili kwaKhe. Yingalesosizathu Azi ukuthi ubani oyoba khona nokuthi ubani ongayikubakhona. Niyabo? Aka . . . Yena, "Akathandi ukuba kubhubhe namunye." Kodwa Uyazi ukuthi ubani oyobhubha. Uma Wayengazi, khona–ke Wayengesuye uNkulunkulu. Uzofanele abe ngonamandla onke ngokufanayo nje njengoba—njengoba engosezindaweni zonke; niyabo, owazi konke, osezindaweni zonke, onamandla onke, ongenasiphelo. Ungongenasiphelo. Uma Engenjalo, Akasuye uNkulunkulu.

Ngakho Wazi izinto zonke, ngakho–ke Angasho ukuphela kusukela ekuqaleni, ngoba UyiZwi.

206 Manje, ngiyisihambi uqobo. Angiboni–muntu lapha engimaziyo, ngaphandle uma kuyilomfana khona lapha. Uma ngimazi lomfana, wawungavamisile ukuba nentshebe enkulu noma enye into ethize, owawuba nayo, kudala na? Ngithi ukukutshela ngayo, ngenkathi ngi—ngicabanga ukuthi ngubani lowo, abafo behlezi ngaphambili lapha. Ngaphandle kwalokho, angiboni–muntu engimaziyo. Angiboni namunye khona lapho. Kwenzekile nje ngabuka. Umfana ehlezi lapho, ekhala izinyembezi, imizuzu embalwa edlule, esula amehlo akhe. Ngacabanga, "Lowo ubukeka efana nalowomfo osemusha ofanayo engaba nengxoxiswano naye ngesinye isikhathi." Futhi angazi ngisho nokuthi uvelaphi. Ngimbone ngobuso bakhe nje. Angina . . . Niyabo? Kodwa yilowomuntu kuphela engimaziyo phakathi lapha manje. Kulungile.

207 Manje ungayivula nje inhliziyo yakho kanje na? Nibangaki odinga uNkulunkulu na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngingodingayo. Ngisekudingeni." Angikwazi nje ukuthi ungubani. Phakamisa isandla sakho nje. Futhi ngibonile.

208 Manje kwangathi uNkulunkulu waseZulwini, Owavusa iNdodana yaKhe, uJesu Kristu, Onguyena ngizama ngeZwi laKhe elilotshiwe, ngesiphiwo sobuNkulunkulu, ukukhomba uBukhona baKhe phambi kwalababantu, ngenkazimulo yabo, kwangathi Angathumela uMoya oNgcwele phezu kwami. Njenge, ngalesisiphiwo, ngizidedela mina uqobo, ukuba ngibe . . . ukukhomba uJesu Kristu enyameni yomuntu, njengoba uNkulunkulu wakhonjwa enyameni yomuntu ngezinsuku zaseSodoma, agcwalise imisebenzi yaKhe. Kwangathi Angakupha eGameni likaJesu Kristu.

209 Manje ngokuzithoba kokuhlonipha, wonke umuntu, manje qala ukukhuleka nje enhliziyweni yakho, "Nkosi Jesu, ngizovula inhliziyo yami. Futhi ungene. Futhi mangivalele ngqi konke ukungakholwa kwami, ngaphandle. Bese–ke ukwazisa kimi, izinto Owazenza phambi kokubethelwa kwaKho, khona–ke ngizokwazi ukuthi Uvukile kwabafileyo."

210 Manje Kungeke kwanibamba nonke. Kunjalo impela. Kodwa abanye benu, akungabazeki, ukuthi Kuzobamba. Futhi uma Kubambe oyedwa, njengalowo wesifazane nje phandle lapho, sonke (abantu eSikari) abadingekanga ukuba kwenziwe kubo. Bakukholwa. Futhi uma noma ubani, owesifazane oyedwa nje, owesilisa oyedwa, umfana oyedwa, umntwana oyedwa, noma ngabe ngubani, uzokhonjwa ngaleyondlela; uma labobantu emuva lapho, abangakaze baMbone, futhi besifundiswa kukho, impela sifanele sikholwe. Ngabe kunjalo, bazalwane na? Ngabe lokho kuzwakala kunomqondo kini nonke na? [Abefundisi bathi, "Amen."—Umhl.] Impela.

211 Kul'khuni uma ushumayela kanjalo, bese–ke kufika . . . Niyabo, yiziphiwo ezimbili ezehlukene. Esisodwa ngukukhuluma; esinye ngesokubona.

212 Manje kholwa nje ngayo yonke inhliziyo yakho. Ungangabazi. Ungangabazi. Yiba nokukholwa nje kuNkulunkulu. Asiqale ukubuka ngakuloluhlangothi nga*pha* ndawondawo. Umuntu akabuke nje. Nizafanele nime nizungeze lapho, zonke izinhlobo zenkolelo. Ningacindezeli kukho; niyabo, ugxumela phezu kwakho. Kunjalo. Kunjengengxenye yakho. Uyabo? Ziphumuze nje, bese uthi, "Awu, impela, lelo yiZwi. NgiyaLikholwa. Lowo omncane, umfo omdala phezulu lapho akangazi. Kodwa ngiyamazi uJesu. Ukhulume iQiniso ngeZwi, futhi ngiyalikholwa." Kwenze kanjalo nje, uthi, "Ngiyagula futhi ngiyadinga; futhi nginesidingo." Angikwazi ukukuphilisa, futhi lokhu akuphilisi, kodwa kuphela kuyakhomba.

213 Akumangalisi nina bantu ningaba nokusolasola. Kuphela ni—kuphela nibona nje ukuthinta okukodwa kwaKho lapha. Kusho okuzokwenzeka, nokuthi kuzoba ngubani, ukuthi kukuphi, nakho konke ngakho. Futhi akukaze nakanye, Akukaze nakanye kwehluleke, emashumini ezinkulungwane zezikhathi, umhlaba jikelele. Bangaki oKulandelile, futhi owaziyo ukuthi Kuyiqiniso. Phakamisa isandla sakho. [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyabo? Awu, he! Niyabo? Akukaze . . . Khona, Kungebe lutho olunye ngaphandle kukaNkulunkulu, futhi kushaye emhlolweni kanjalo, niyabo, ngoba yisithembiso saKhe. Kungeke neze kwehluleka. Manje, Aka . . .

214 Lokho akuniphilisi, ngoba Usevele ukwenzile lokho. Ukhomba nje ukuthi Ulapha ukugcina lesosithembiso. Manje, uma Esigcinile lesosithembiso, Ugcina isithembiso sokuphilisa. Kunjalo, bafowethu na? [Abefundisi bathi, "Amen."—Umhl.] Ugcina isithembiso saKhe sokuphilisa uma Egcina lesosithembiso. Kuyisibonakaliso esiqinise kakhulu.

215 Ukuba–ke omunye ubelapha esihlalweni esinamasondo, ngase ngibaqukula, bekungaba ngolukhulu udaba oluphathelene nesayense yokusebenza kwengqondo, noma into ethize encane ebingenza lowomuntu ahambe. Kodwa kungeke kwehlulela imicabango esenhliziyweni. Niyabo? Yileyonto eqinisekile. Ukwazi ukuthi wenzeni, ungubani, nakho konke ngawe, lokho kuthatha uNkulunkulu, yedwa, ukuba kube ngokuphelele ngaso sonke isikhathi.

216 Lapha, ngi—ngifisa—ngifisa sengathi bengingakuchaza lokhu. Asikho isidingo mina ngizama ukukuchaza. Ungeke wakwenza.

217 Kodwa manje, ukuba bengingasho lelizwi, into ethize ngaphakathi kimi eguquke yaya kwelinye izinga lendawo. Niyabo? Ngibuka ngqo leyoNsika yoMlilo eyalandela uIsrayeli ehlane. Bangaki oke wabona isithombe saYo na? Asibone isandla

sakho. Impela. NgiYibuka ngqo, khona lapha, ngiYibuka ngqo, impofu, ithi ayibukeke il'hlaza'tshani ngokuphuzi, iphenduphenduka.

218 Ngibona owesifazane enyuka. Uhlezi khona lapha, ya, engibuka ngqo. Futhi uhlezi ngqo phansi lapha, engibuka ngqo. Futhi uyagula. Ukhulekela isifo anaso. Yisifo segazi. Yisifo sikashukela. Kunjalo. Lowo yini nobabili. Nani bafana ababili abancane nihlezi lapho, ningibuka, ninesifo sikashukela. Niyabo?

219 Manje, yini leyo na? Benicabanga ngakho, ubungenjalo yini, uzama ukuvula inhliziyo yakho na? Ngikubonile ungena nje ngqo. Kwenze nje ngayo impela indlela Enze ngayo ngaphambi kokubethelwa kwaKhe. Manje, awungazi, uyangazi na? Namunye wenu ongaziyo. Uma lokho kunjalo, phakamisani izandla zenu, uma ningangazi. Kulungile. Kulungile. Aningazi. Manje–ke, kudingeke kube nguYe, ngoba anginazi. Kudingeke kube nguYe.

220 Uma nje nizokukholwa, ngayo yonke inhliziyo yenu, uNkulunkulu uzokwenza kubonakalise. Nizofanele nikukholwe nokho.

221 Lapha, kunendoda enyenyezile, yasho into ethize komunye umuntu. Ihlezi khona lapha ingibuka, ithe ukuzimuka, igqoke ishethi elimhlophe. Siyizihambi omunye komunye, mnumzane. Kunjalo na? Ihlezi ngakuwe ngqo. Ngabe ngiyakwazi wena na? Qhabo. Kusemva kwakho, mnumzane. Qhabo, emva kwakho. Indoda eneshethi elimhlophe. Bamba indawo yakho nje. Wena, uyakholwa. Indoda eneshethi elimhlophe. Uma uNkulunkulu . . . Nguwe lowo. Yebo. Ibiqalaza. Uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi yini inkathazo yakho, uzokholwa ukuthi Uzoyiphilisa na? Unenkathazo yenhliziyo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Kulungile. Uyakwemukela ukuphiliswa kwakho na?

222 Manje, kunendoda khona lapha, iphakamise isandla saYo, ndawo ndawo ngaphakathi lapha. Kukule encane . . . Wena, uyangikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu, umprofethi waKhe na? Uyakholwa? Uphethwe futhi yinkathazo yenhliziyo. Unesifo samathambo, futhi. Lowo ngumkakho ohlezi eceleni kwakho, futhi uphethwe yisifo samathambo. Kanti futhi unamalumbo enzululwane. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi ngingakutshela ukuthi ungubani na? Mnu. NoNkk. Jones, ningakholwa, kholwani manje futhi niphiliswe.

223 Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Ngiyisihambi kuwe. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Ungangabazi. Kholwa nje.

224 Nakhu kuhlezi indoda, ithi ukuba nekhanda eselimpunga, ihlezi khona lapha ekugcineni, ikama izinwele zayo ngale, emaceleni. Nakho lokho kuKhanya kumi ngakuwe, mnumzane! . . .? . . . Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi

kaNkulunkulu, inceku yaKhe na? Uyakholwa ukuthi umkhuhlane wekhanda nomphimbo uzosuka kuwe, futhi uzoba kahle na? Uyakholwa? Phakamisa isandla sakho. Manje, ngiyisihambi uqobo. Yilokho okukhulekayo.

225 Indoda elandelayo, iphakamise isandla sayo, futhi, ngoba ikholiwe. Awu, ini . . . Ayinawo umkhuhlane wekhanda nomphimbo, kodwa inesifo samathambo. Kunjalo. Kunjalo. Vayizelisa isandla sakho, mnumzane. Kunjalo. Manje, uyakholwa na? UNkulunkulu uzoyipha lowomusa, ngukuba nokukholwa.

226 Lelinenekazi elincane elihlezi khona lapha ekugcineni. Uyakholwa, nenekazi, uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Ehhe. Uyakholwa ukuthi leyonkathazo yesisu izokuyeka na? Uyakholwa? Unomthwalo enhliziyweni yakho, awunawo na? Lowo ungowendodakazi yakho. Ayikho lapha. Uyakholwa ukuthi ngiyakutshela ukuthi yakhephi na? Yakhe eCalifornia. Inethunzi elimnyama phezu kwayo. Izofa uma ingekho into eyenziwayo ngakho, ngoba isibekelwe ngumdlavuza. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Uyakholwa ukuthi ngingakutshela ukuthi ungubani wena, ngosizo lukaNkulunkulu na? UJesu watshela uSimoni ukuthi wayengubani. Kunjalo na? Nkk. Ackerman. Kunjalo. Phakamisa isandla sakho. Ehhe. Kulungile.

227 Inenekazi elincane eliyisithunywa senkolo elihlezi lapho eceleni kwakho, lithe ukukhathazeka ngezinye izinto, nalo. Kunjalo. Likhulekela umngani, kwehle njalo, wena uqobo. Kunjalo na? Futhi uyisithunywa senkolo? Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Angikwazi, angikaze ngikubone. Kodwa lelo yiqiniso.

228 Inenekazi elihlezi emva kwakho, izinwele ezimpunga, linenkathazo yesisu. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa kulokho na? Unalokho, futhi.

229 Niyakholwa ngayo yonke inhliziyo yenu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyabo? Kuyini na? Ngokukhonjiwe. Manje, iZwi lasho njalo, manje nangu Uza ezinhliziyweni zenu futhi Ezembula yena uqobo njengoba nje Enza. Akusikho yini lokho impela Akwenzile ngaphambi kokubethelwa kwaKhe na? Phakamisa isandla sakho. Manje–ke Uvukile kwabafileyo. Niyakukholwa na? ["Amen."] Futhi manje uma niseBukhoneni baKhe bobuNkulunkulu, ngabe amehlo enu ayavuleka manje ukuba nivume ukuthi yena impela uNkulunkulu enizoma phambi kwakhe ngoSuku lokwaHlulelwa, ukhona lapha phakathi kwenu manje na? Futhi Wazi yonke into enizocabanga ngayo.

Ungalikhothamisa ikhanda lakho manje na?

230 Ngabe nicabanga ngaYe na? Ungathanda ukuba Yena abe nguMsindisi wakho na? Uma unjalo, ungalisukumela

izwi lomkhuleko na? Wena oMfuna abe nguMsindisi wakho, sisukumela izwi lomkhuleko nje. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise. Bukani nje. Manje, siyasukuma nje, umzuzwana nje, ukuze nginikhulekele. Sukumani. "Ngifuna ukuMemukela njengoMsindisi wami. EBukhoneni bobuNkulunkulu boBuyena baKhe manje, ngifuna ukuMemukela njengoMsindisi wami." Bangabakhona abanye futhi na? Ngikholwa ukuthi ukhona, ngakho uma nje uzoma ngezinyawo zakho. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise.

231 Kwenzeni manje, niyabo. Ningalindi kuze kube kusasa. Kusasa kungahle kube sekuleyithi kakhulu. Namhlanje UnguMsindisi wakho, kusasa Angahle abe ngumaHluleli wakho. Uyabo? Ngakho manje, uma Ekhuluma enhliziyweni yakho, ngokufanayo njengoba nje wena uvule inhliziyo yakho. UNkulunkulu akubusise, wena. Kunjalo. Yibani nilokhu nimile nje. Uma ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, uzoMemukela, useseBukhoneni baKhe na? Uzomemukela? Uzokwenza lokho na? UngaMemukela nje njengoMsindisi wakho na?

232 Angazi noma ngabe, uma nizokwenza lokho, usabeka isandla sakho phezu kwenhliziyo yakho, kanje, ngamunye wenu. Asikhuleke. Manje khuleka ngendlela engeyakho, "Nkulunkulu, ngihawukele, isoni."

233 Futhi manje–ke uma nenza lokho, ngifuna nina, emizuzwini embalwa, ukuba nenyukele lapha futhi nifakaze ukuthi niMemukele njengoMsindisi wenu. "Ngokuba uma niyo—uma niyoNgifakazela phambi kwabantu, yena Ngiyakumfakazela phambi kukaBaba waMi neziNgelosi ezingcwele. Uma unamahloni ngaMi phambi kwabantu, Ngiyakuba namahloni ngaye phambi kukaBaba waMi neziNgelosi ezingcwele." Manje, qaphelani, khumbulani, Uyayazi inhliziyo yakho. Ukufakazisile lokho. UyiZwi. Manje ngifuna nikwenze lokho, emizuzwini embalwa.

Ngifuna nina, manje, niMemukele, njengoba sikhuleka.

234 Nkosi Jesu, ngenkathi lokho kuKhanya kuya ngale, kuzungeza abantu, imibono ibivumbuka phezu kwabantu. Khona manjalo, Kuyama. Futhi kubuya, futhi Usho kimi ukuba ngikwenze lokhu. "Ukulalela kungcono kunomhlatshelo."

235 Futhi, Nkosi Jesu, kulesi—kulesisixuku sabantu, abaningi babo ukholwa kuWe khona manje. BayaKwemukela njengo—njengoMsindisi wabo. Bayakholwa. Bayazi ukuthi lokho kuqinisile. Bebekhona lapha ngenkathi kwenzeka, futhi bayazi ukuthi Wena uvukile kwabafileyo, futhi Usalokhu uphila, futhi siyazi ukuthi siya ekwaHlulelweni, ukuhlangana naWe eSihlalweni sokwaHlulela sikaKristu. Futhi sifuna ukuxolelwa, Nkosi. Wena washo, eZwini laKho uQobo. Ngizolicaphuna,

Baba, ukuze nje sizo—zokwazi. Wena wathi, “Ozwa amaZwi aMi,” yilokho impela ekade sikhuluma ngakho kulobubusuku, “futhi akholwe NgoNgithumileyo,” ba, “nakho,” inkathi yamanje, “nokuPhila okungunaphakade futhi kabasayi neze ekwaHlulelweni, kepha wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni.” Manje, lelo yiZwi laKho, Nkosi, ngokufanayo nje njengoJohane 3:16 nalo lonke elinye iZwi. Wena wathi, “Lowo oyokholwa.”

236 “OyoNgivuma,” futhi, Wathi, “phambi kwabantu, Ngiyakumvuma phambi kukaBaba waMi neziNgelosi ezingcwele. Kepha onamahloni ngaMi phambi kwabantu, Ngiyakuba namahloni ngaye phambi kukaBaba waMi neziNgelosi ezingcwele.”

237 Manje, nomaphi eBukhoneni bobuNkulunkulu, njengoba Ufikile kulobubusuku, futhi sonke silapha, amakholwa angamaKristu, sizwa uBukhona bobuWena baKho obukhulu, lokho kuzwa okukhulu kobukhosi bobuNkulunkulu, noma uNkulunkulu ehambahamba, phakathi kwethu. Akumangalisi, Nkosi, Buphuphuthekisa amehlo ongakholwa ongalikholwa iZwi. Nokuthi Buwavula kanjani amehlo alabo abazokholwa!

238 Manje, Uvule amehlo alababantu, ngokuZembula wena uqobo kubo. Manje, Nkosi, vula izinhliziyo zalababantu futhi wenze ukuhlala kwaKho nabo, Baba. BangabaKho. Ngibanikela kuWe. Bayimiklomelo yeZwi laKho. IZwi laKho libabizile, neZwi laKho likhombile kubo. Futhi manje bazikhombe bona uqobo, ngokusukuma futhi banikeze ubufakazi ukuthi bafuna Wena uthethelele izono zabo. Wena wathi, “Oza kiMi, Angisoze ngamlahlela ngaphandle.” Futhi kodlula amazulu nomhlaba, kepha iZwi laKho alisoze lehluleka. BangabaKho, Nkosi. BangabaKho. EGameni likaJesu Kristu, ngibabiza bonke. NeGama laKho lizakudunyiswa ngakho.

239 Kwangathi bangabandakanywa kuMlobokazi, baye ekuvukeni. Uma ngingakutholi neze ukukhuluma kubo, phezu komhlaba, noma ngibaxhawule, nenhlanhla yokubabhaphathiza ngombhaphathizo wamaKristu, kwangathi, Nkulunkulu, ngaloloSuku lapho sekuphele konke futhi sihlale phansi eSidlweni sakusihlwa soMshado, kwangathi ngingaba nenhlanhla, ngibuka ngale kwetafula. Bathi, “O, ngani, kwakusezansi eTampa, eFlorida, ngalobo busuku, Mfowethu Branham, engama khona.” Ngithi, “Manje Nangu. Niyabo, Uyafana.” Siphe khona, Nkosi. Bagcine ngomusa waKho. EGameni likaJesu Kristu, ngiyakucela. Amen.

Futhi ningahlala phansi.

240 Imizuzu embalwa nje, sizonibiza ukuba nenyukele lapha futhi ninikeze inkomba ekuhlolweni kwenu.

241 Manje, nina enime ngezinyawo zenu, nina enime ngenkathi umkhuleko usaqhubeka, kukhona okunye okuthize enifakaze ngakho, ukuthi nenze into efanele, futhi niyakholwa ukuthi

UyiNdodana kaNkulunkulu, futhi manje niyaMemukela njengoMsindisi oqondene nani na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "NgiyaMemukela manje." UNkulunkulu anibusise. Kubukeka sengathi amapesente ayikhulu. "Manje sengiMamukele njengoMsindisi oqondene nami."

242 Manje isinyathelo senu esilandelayo ngukuba nigcwaliswe ngoMoya oNgcwele. Unalo ikamelo lalokho, awunalo, mfowethu, ikamelo lalokho lapha na? Yebo, mnumzane. Bazonazisa ngokuqhubekayo kulokho.

243 Manje, ukuqedela umugqa womkhuleko, asi. . . Manje, ningayaluzi. Niyabo, njalo uma ninyakaza, lokho kuphazamisa uMoya kaNkulunkulu. Niyabo? Manje ningayaluzi. Ngilapha, sengileyithi futhi. Bekani izandla zenu phezu komunye ngamunye, futhi nje nibeke izandla zenu phezu komunye nomunye bese nikhulekelana. Manje yilokho–ke. Yilokho–ke. Ngamunye wenu ngamakholwa.

244 O, yebo, anizizwa nikahle na? Thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Anizizwa sengathi manje niseBukhoneni bukaNkulunkulu ngqo, lokho okumnandi, ukuzwa okuthobekile na? Kwangathi imiphefumulo yethu ingethatheke neze yizwe nezinto. Ngenkathi, lokho kuzwa okumnandi okuthandekayo kukaMesiya wethu omkhulu, uJesu Kristu, ephakathi kwethu ngqo manje esimweni sikaMoya oNgcwele. Izwe alazi lutho ngakho. Kodwa siyaMazi. SiMbonile. SiMbonile eZikhomba yena uqobo.

245 Khumbulani, ngezinsuku zika Abrahama, lowo—lowoNkulunkulu owayesenyameni yomuntu, Akazange ehlele lapho eSodoma. Kwakunabashumayeli ababili abehlela lapho, kodwa hhayi Yena. Wahlala nabakhethiwe, iBandla elibizelwe ngaphandle. Wawuya kulabo–ke uMlayezo waKhe. Akumangalisi yini ukuthi Uza kithi, namhlanje na? Sizibona thina uqobo sikhonjwe njengeNzalo yobukhosi ka Abrahama. Owathi, Efulathele ithende, washo okwakucatshangwa nguSara. Into efanayo iza khona lapha kulobubusuku, yenza into efanayo, enyameni yomuntu. UJesu wathi kuyokwenzeka, "Izinsuku zalapho iNdodana yomuntu yembulwa khona."

246 Manje, Washo lento elandelayo, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda."

247 Manje izandla zenu zindawonye, izinhliziyo zenu zindawonye, asikhothamise amakhanda ethu manje futhi sikhulekele abagulayo.

248 Baba wethu waseZulwini, onomusa, siletha kuWe lezizethameli ezilindile, nakulobu uBukhona bobuNkulunkulu, O Nkulunkulu. Akumangalisi labobafundi, uKleyopase nomngani wakhe, kubathathe usuku lonke ukufinyelela e Emawuse. Kodwa, imizuzwana embalwa, base bebuyile.

Babekanye nabo bonke abafundi. Abezelanga khona ukuphikisana ngamehlo abo okubuka ezenkolo, kodwa beza ngoba babeMbonile. Babese. . . Babehlangane naYe. Ba—baMuzwa eshumayela, futhi baMbona eZikhomba yena uqobo, ukuthi WayenguKristu ovukileyo.

249 Wena uyiZwi. IZwi lishunyayeliwe. IZwi selibonakalisiwe. "I—iZwi lehlulela imicabango osenhliziyweni." Lisho njalo. Futhi siqinisekile njengoba enjalo, Nkosi, ukuqiniseka impela nje njengoba ayenjalo. Sibona isibonakaliso sokuvuka, futhi siyazi ukuthi yinkomba yaKho uZembula wena uqobo, njengoba iBandla laKho neZwi kuzofanele kube kunye, ngoba indoda nomfazi kunye. UMlobokazi neZwi babamunye.

250 O Nkulunkulu, uma siLibona phakathi kwethu, ukuthi sithokoza kanjani kuLo; nokubona izingxenye ezingehlukaniseki ezifanayo, isithombe esifanayo sithwetshulwa, ngokwesayense.

251 INgelosi yeNkosi, eyakhipha uIsrayeli eGibhithe futhi yabayisa ezweni elithenjisiwe, "yenziwa inyama futhi yakha phakathi kwethu," yenyukela phezulu kweliPhezulu. Yathi, "Ngivela kuNkulunkulu, futhi Ngiya kuNkulunkulu."

252 Ezinyangeni ezimbalwa kamuva, Yayilapha emgwaqeni oya eDamaseku, noSawulu, eyamshaya yamlahla phansi. Futhi uSawulu, ebona leyoNsika yoMlilo efanayo, wathi, "Nkosi, UnguBani na?"

253 Yathi, "NginguJesu. Kul'khuni kuwe ukukhahlela emeveni."

254 O Nkosi, ukubona, eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili kamuva, Nansi, ifakazelwe ngokwesayense, futhi ifakazelwa ngokukholwa, ebandleni, futhi yenza into efanayo neYayenzayo, ukukhomba imiBhalo ncamashi yalolusuku. Asisesibo abangakholwayo, Nkosi. Siyakholwa. Siza ukungakholwa kwethu. Kwangathi izinhliziyo zethu zingakhululwa.

255 Kwangathi ukugula kungaphelelwa amandla akho. Lamakholwa linezandla zibekwe phezu komunye nomunye. Umkhuleko wokukholwa uyenziwa khona manje. "Uyakumsindisa ogulayo, noNkulunkulu uzakubavusa."

256 Sathane, dedela lezizethameli. EGameni likaJesu Kristu, mabahambe, ukuze bakhululeke ekuguleni nezifo, kwenzelwa inkazimulo kaNkulunkulu.

257 Manje zigcine uzivalele ngaphakathi wena uqobo. Qala nje ukhuleke. Khuleka ngendlela engeyakho. Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye manje. Qhubekani nje nikhuleka, nithi, "Nkosi Nkulunkulu," ngendlela engeyakho manje. Nginikhulekele, manje khulekelanani. Bekani izandla zenu kumakhelwane wenu lapho, uthi, "Nkosi, philisa lona wesifazane. Philisa lona wesilisa. Ngiyakukholwa. Ngikubizela bona. Bakubizela mina. Ngiyakholwa ukuthi Wena ulapha."

Ngani, bekungaba ndikindiki, ukungakukholwa lokho. Kukholweni, ngayo yonke inhliziyo yenu.

258 INkosi uNkulunkulu ayenze ngamunye wenu aphiliswe! Khulekani nje kuzwakale ngqo, futhi nikholwe. Kwangathi iNkosi inganiphilisa nonke, kusukela ematheni ezinyawo zenu kuya emqheleni wekhanda lenu. Amen.

